# UKUTHUNYWA KWAMI

Ngiyabonga, mfowethu.

2 Sanibona kusihlwa. (Ngiyabonga, mfowethu.) Sanibona kusihlwa nonke. Ngijabula kakhulu ukuphuma kulobubusuku; ngizizwa ngikahle. Ngizizwa ngikahle kusukela emhlanganweni izolo ebusuku. Kube yisibusiso esikhulu kakhulu kimi ukubona lowo wesifazane oyimpumputhe ompofu emukela ukubona kwakhe. Nabaningi abanye . . .

3 Nginencwadi ekhuthazayo namhlanje ukuthi elinye inenekazi, mhlawumbe likhona manje, belingitshela ngezinye zezinto ezenzeke komakhelwane balo izolo emva kobusuku bakuthangi bomhlangano, ukuthi iNkosi ibuyisele kanjani ukuzwa kowesifazane obeyisithulu ngokuphelele isikhathi eside, o—oshilo, osho ukuthi iNgelosi yeNkosi ingene endlini lapho abekhona futhi yamnika ukuzwa kwakhe. Futhi angavele nje kakhulu . . . Singathanda ukuba nobufakazi bakhe, ukukubhala emuva lapho. Futhi ngakho, lokho kuhle kakhulu. Futhi siyajabula ngalokho, sijabule kakhulu nje.

4 Futhi ngakho, besihlela uku bengizovala umhlangano ngeSonto ebusuku, kodwa sanquma ukuthi kungcono singakwenzi, mhlawumbe kungcono siqhubeke isikhathi esidanyana nje. Besi . . . Besizo . . . [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Ngiyabonga kakhulu kakhulu. Ngiyabonga kakhulu, lokho kungenza ngizizwe ngikahle.

5 Isizathu sokuthi bengikwenza, bekungesikho ngenxa yokungabambisani lapha, kodwa bekungezinhlonipho zikaMfowethu Freeman, niyabo, futhi bengingafuni ukubamba ngesikhathi abebambe ngaso. Futhi uma ngicabange ukuthi bengivimbela umhlangano wakhe noma ngayiphi indlela, bengingeke ngikwenze. Kodwa ngi—ngi—ngibe nenothi elincane nje esikhashaneni esedlule, ngakho ngizizwa ngingcono kakhulu ngakho manje, ukuthi ku—kulungile, ngakho . . . Ngiyabonga. Ngiyabonga kakhulu.

6 Kuthe nje ukuxoveka kancane phakathi kwabanye babazalwane abakhonzisayo ukuthi imihlangano yethu isontekile, sangena edolobheni elifanayo ngesikhathi esifanayo. Futhi ngineqiniso ukuthi besingeke sifune ukwenza lokho. Kodwa asifuni nina bantu nicabange ukuthi sizama nje ukuphuthuma phakathi phezu kwenu.

7 Kodwa ngikholwa ukuthi njengokuthi, ngikholwa ukuthi uJakobe wamba umthombo owodwa, namaFilisti amxosha, futhi wawubiza ngeNzondo; futhi wamba omunye, bamxosha, futhi wawubiza ngokuthi Umbango; ngakho wamba owesithathu,

wathi, "Kukhona indawo yethu sonke." Ngakho . . . Ngiyabonga. Ngiyabonga kakhulu.

8 Ngakho, ngenkathi uMfowethu Freeman nami sasikulelodolobha elincane, iChicago, awu, ngakushiya kanjalo, ngasuka ngahamba, niyazi, futhi sasine . . . Kodwa kukhona indawo yethu sonke eCalifornia, sinesiphethu esikhulu lapha. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Omunye ungitshele ukuthi kunamamayela sikwele angamakhulu amane namashumi amahlanu alelidolobha. Ngakho kunenqwaba yendawo, ayikho na? Inqwaba yabantu abagulayo, futhi, ngakho, abaningi babo beza lapha ngenxa yempilo yabo. Futhi ngithemba nje ukuthi uNkulunkulu uzosipha umhlangano omkhulu lapha, sobabili, futhi uzobusisa izinkonzo ndawo zonke, nayo yonke imikhankaso nabefundisi ndawo zonke.

9 Futhi kusasa, iSabatha, asikhuleke ukuthi uNkulunkulu uzonikeza nje imiphefumulo eminingi ezizweni zonke, ndawo zonke, enkazimulweni yaKhe. Empeleni, siya eKhaya masinya impela, niyazi, futhi nje siyalungela manje, ngakho-ke masigcine konke kuhlanziwe ngaso sonke isikhathi, ngakho-ke asazi ukuthi kungahle kwenzeke ngasikhathi sini.

10 Futhi siyaMthanda; futhi ngineqiniso ukuthi niyaMthanda kungenjalo beningeke nibe lapha. Futhi kukhona ichashaza elincane enhliziyweni yakho ukuthi uyamthanda uNkulunkulu, kungenjalo ubungeke uze lapha nhlobo, ubuyoba kwenye indawo. Ngakho, siyajabula ukuthi uyakwenza.

11 Ngakho, izolo kusihlwa bekungu—umhlangano omkhulu kakhulu, na—nalokhu kulobubusuku sibheke ukuba ngomunye umhlangano omkhulu weNkosi yethu. Kwangathi nje Ingenezela izibusiso zaYo. Futhi manje, kusasa ntambama, iNkosi ithanda, ngi—ngifuna ukukhuluma kini kusasa ntambama, nje, awu, uma ubungakubiza ukuzama ukushumayela. Mina, njengoba nganitshela ngesinye isikhathi, ngiwuhlobo lwethayi eliyisipele uma sekuza kumshumayeli, niyazi. Kungenkathi . . . Uyazi, lapho uneliflethi, usebenzisa isipele ukugingqikela phakathi ngalo. Ngakho si . . . Kodwa asinalo eliflethi, kodwa nje bazolisebenzisa, noma kanjani.

12 Ngakho kusasa ntambama . . . Ngizama njalo ukukhuluma ntambama. Nabantu bangithathela u—umnikelo wobuthunywa benkolo o—osiza izithunywa zenkolo zapheseya kwezilwandle emasimini angaphandle. Angizange ngazi ukuthi izithunywa zenkolo zaziyini ngaze ngakunambitha mina uqobo. Kuyakhazimula, kodwa, o he, uma ekhona odinga usizo, yisithunywa senkolo esimpofu ezindaweni zezimpi ezisezindaweni ezikude lapho esizofanele sikhuphuke simelane nayo yonke into, futhi ikakhulukazi labo abalwa impi nokungaphezu kwemvelo.

13 Futhi ngakho, kusasa ntambama, ngi—ngikholwa ukuthi lokho seligamenxe elesibili, akunjalo, bazalwane, kungenkathi sine . . . ? Ligamenxe elesibili kusasa ntambama. Futhi siyojabula kakhulu ngani, uma—uma ibandla lenu lingenayo inkonzo . . . Manje, kusasa yiSonto, na—namabandla enu uqobo anenkonzo, ngakho besingajabula kakhulu, uma ningenayo inkonzo engeyenu uqobo, ukuthi niyoza. Kusobala, uma unenkonzo ebandleni lakho uqobo, lowo ngumsebenzi wakho ukuma endaweni yakho yomsebenzi ngesikhathi senkonzo yakho, wonke umuntu ebandleni labo. Kodwa uma ungenabandla, futhi u . . . noma akukho bandla endaweni yakho, phuma futhi ube nathi. Futhi khumbulani futhi, yonke imikhankaso iqhubeka izungeza idolobha nandawo zonke. Futhi uNkulunkulu . . . Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzothumela abaningi abavuni ekuvuneni, ngokuba sibadinga ngempela.

14 Futhi abaningi kakhulu babantu bakithi abathandekayo bangithumelela izimemo ukuba ngize futhi ngiye edineni nabo, futhi—futhi, o, ngifisa ngempela ukuthi bengingakwenza kukho, kuwo wonke umuntu. Futhi bengingathanda ukwenza lokho, kodwa ku, kuthi ukuba nzima kimi ukwenza, ngiyesaba uma ngihamba nomunye futhi hhayi omunye, kungahle kubenze bacabange ukuthi ngicabange kakhudlwana ngalowo kunoma ngenzile komunye, anginjalo. Kodwa ngi—ngiyanithanda nonke, futhi ngifuna ningithande, futhi uma sithanda iNkosi, sizozizwa ngaleyondlela ngomunye nomunye. Ngakho, sizobe-ke sesi . . . Ngolunye usuku, ngizodla idina nani nonke. Amen. Ngeke yini kumangalise lokho na? Ngiyacabanga nje, emva kokuba impi isiphelile nentuthu seyehlile, siyakhuphuka, sihlangane nabathandiweyo bethu, bese-ke sihlangana naYe, sihlala phansi etafuleni ngaphesheya komunye nomunye. Ngeke yini kumangalise lokho na? Ayisoze yabakhona induku yokuqhugela noma isihlalo esinamasondo sizungeze itafula, lutho neze . . . O, ngeke yini kube kuhle kakhulu lokho na?

15 Khona-ke lapho sibona wonke lowo ehlezi ngalapho, ngibuka ngale kwetafula, futhi ngithi, “Awu, uNkulunkulu akubusise, mfowethu. He!” Bese kuthi-ke siyo—siyodingeka nje sikhale kancanyana. Anikholwa kanjalo na? Uma singakwazi, sizovele sikhale kancanyana ngenjabulo.

16 Bese kuthi-ke enhlokweni yetafula kuzophuma iNkosi yethu ebuKhosini baYo, Izohamba yehlele ngakithi sonke, futhi isigaxe ngezingalo zaYo, ithi, “Nihlupheke kakhulu, nedlule kokuningi ngenxa yaMi.” Sulani zonke izinyembezi zisuke esweni, ithi, “Manje, ningabe nisakhala. Si—si . . . Sekuphelile.” O, okwalesosikhathi esikhulu! Yingakho silapha, akunjalo na? Ngeke yini kumangalise ukuzwa ingalo yaYo ikugaxile, futhi ithi, “Manje, ungakhali. Ngena ezintokozweni zeNkosi, ulwe ukulwa okuhle.” Ngakho siselapha futhi sinalelithuba, asikwenze ukulwa okuhle, ukulwa kwangempela.

17 Ngifuna ukufunda omunye umBhalo, futhi sizoqala ngqo emgqeni womkhuleko, ukuze sibe nesikhathi esimnandi, sidedele abantu baphume kuse eli, ukuze ningabi leyithi kuSonto sikole wenu ekuseni. Futhi sizama ukwenza umkhuba, uma singakwazi, ukuphuma kuse-eli ngempela, futhi ukuze abantu bakwazi ukuyosebenza baphinde babuye futhi, ngakho, okobusuku obulandelayo.

18 Bangaki olapha okokuqala na? Ake sibone izandla zenu, phezu...He, lokho kuyamangalisa! Asibashayele ihlombe, bonke lapha abangazange...Lokho kuyamangalisa! Kunjalo. He, sijabula kakhulu ukuba nani lapha futhi sijwayelane nani. Ngifisa sengathi benginganixhawula futhi nginenze nemukeleke. Kodwa ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzovele nje akugaxe ngezingalo zaKhe, futhi athi, "Nakhu akushoyo, ukuthi we—wemukelekile."

19 Futhi manje, ezinkonzweni, izinkonzo zethu zithe ukwehluka kancane kukho, ngokwejwayelekile, ezinkonzweni zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu esiza kuzo, kungaphansi kokusebenza kwesidalwa esingaphezu kwemvelo Esahlangana nami eminyakeni embalwa edlule. Futhi ngokuthi lena yimfundiso yeBaptisti yokuqina, ngi...Niyangizwa ngibhekisela ezikhathini eziningi, ngokuba yiBaptisti, manje, a—angisiyo i—iBaptisti, ngingu—ngingumKristu, yilokho-ke. Ngisengaba yiBaptisti, futhi ngibe ngumKristu, niyaqonda.

20 Kodwa—kodwa kungekudala eLittle Rock, ngi... kwakukhona indoda eyayinezinduku zokuqhugela ezithile, futhi yayi...yayikade ikuzo iminyaka, futhi yangena emgqeni, neNkosi yayiphulukisa. O, yayijabule kakhulu! Futhi yayimemeza, yehla ngesitaladi nenduku eyodwa yokuqhugela ilenga phezu kwenye, ifakaza kuwo wonke umuntu, ezansi eLittle Rock.

21 Futhi ngobusuku obulandelayo, iyabuya enkonzweni, futhi yasukuma, yathi, "Awusho, Mfowethu Branham, ngikuzwile uthi...Angikuqondi lokhu." Yathi, "Manje," yathi, "ngenkathi ngikuzwa ushumayela, bengiqinisekile ukuthi wawuyiNazarene." Yilokho eyayiyikho. Yathi, "Bengiqinisekile ukuthi wawuyiNazarene." Yathi, "Ngase ngibona bonke abantu bePentecostal, ngase ngithi, 'Qhabo, uyiPentecost.' Futhi lapha uthi uyiBaptisti." Yathi, "A—angikutholi lokho."

Ngathi, "O, lokho kulula, baba." Ngathi, "NgiyiPentecostal-Nazarene-Baptisti."

22 Ngakho, lokho yi...Yebo. UNkulunkulu usithanda sonke. NgeNdodana yaKhe, sonke singamadodana namadodakazi ngokuzalwa ngokusha eMbusweni.

23 Futhi ngakho ngangi...Qiniso, ngi...Lokho ngukuthi... ngagcotshwa ebandleni leMissionary Baptisti, futhi angikaze ngigcotshwe kunoma yiliphi elinye ibandla kusukela

lapho. Kodwa ukungena ezinkonzweni zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngikwenza kube okwamavangeli ahlukahlukene, ukungakhethi-hlelo nje kwawo wonke umuntu. Nje... UNkulunkulu akabuzi neze emgqeni noma ngabe uyiMethodisti, noma iBaptisti, noma iKatolika, noma ukuthi uyini, ngukukholwa kwakho ophulukiswa ngakho; ngokukholwa kwakho uphulukisiwe.

24 Futhi, kodwa bengingefune nicabange manje ukuthi lena yimfundiso yeBaptisti impela nje lapho ngithi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka, ngikholwa ukuthi kuyintando kaNkulunkulu eyamiselwa ngaphambili.

25 Ngenkathi ngisengumfanyana... Namhlanje... Lelonenekazi elenze lesosithombe sendlu encane yezingodo engazalelwa kuyo, lokho bekukuhle kakhulu. Futhi ngenkathi ngizalwa, kwakukhona iSidalwa esingaphezu kwemvelo esangena egumbini, cishe usayizi wesinye salezozinkanyiso *lapho*. Sangilandela zonke izinsuku zokuphila kwami kuze kube yilesisikhathi. Ngangingazi ukuthi Kwakuyini. Ngi... Abantu bakithi ngaphambi kwami babeyiKatolika. NgingumIrishi macala omabili, ubaba nomama; futhi kukhona ukuthethelelwa ngalokho. Ngakho, ngi—ngi—ngine... Nomunye wathi, "Wena ungumIrishi futhi uvela eKentucky, futhi, o he, lokho kukwenza kube kubi kabi." Ngakho ngi... Kodwa uNkulunkulu waba nomusa kimi, futhi Wenza umKristu ngami ngeNdodana yaKhe uJesu Kristu, futhi ngijabula kakhulu. Kwase kuthi-ke ngenkathi ngiba ngumKristu...

26 Ngenkathi ngisengumfanyana, ngaphambi kokuba ngumKristu, lokhu kuyofika kimi, futhi kukhulume kimi, futhi kungitshele izinto ezazizokwenzeka. Awu, bekuyongesabisela ukufa, cishe impela. Bengiyoshaywa wuvalo futhi ngithuthumele ngakho. Kodwa kwakuyo... Kwakhuluma kimi okokuqala esihlahleni, njengomoya ovunguzayo nje esihlahleni, futhi kwangitshela ukuba ngingalokothi ngiphuze, noma ngibheme, noma ngingcolise umzimba wami, ukuthi kuzoba nomsebenzi wami ukuba ngiwenze. Futhi phansi empilweni, ngizamile ukuphila ukuba ngumnumzane ohloniphekile, futhi angiqondwanga kahle. Futhi ngisho nobaba wami wathi ngangingosasitabane omkhulu, ngoba ngangingaphuzi njengabo bonke oBranham, no—nokunye nokunye. Kodwa kwakukhona Into ethize enhliziyweni yami eyayingeke ingivumele ngiphuze, KwakunguKristu. Futhi nginombono, ngingahle ngingabi ngoqinisile kulokhu, ngicabanga ukuthi uNkulunkulu wayelondolozela abantu baKhe lokhu, ukuze bazuze ngakho. Angiyitholanga enye indlela, ngoba ngemvelo, ngangingenye indlela. Ngakho, bonke abantu bakithi bayaphuza nokunye nokunye. Njengokuthi nje uma utshala uhlamvu lommbila, uma luwuhlamvu lommbila ophuzi, luyoveza ummbila ophuzi, niyabo, kodwa ngaphandle

uma kukhona ukuguqulwa okwenziwe, futhi ngalesisikhathi, uNkulunkulu wakwenza.

27 Futhi ngakho-ke kamuva, ku—kuyofika kimi, futhi kukhulume kimi, futhi kungitshele izinto ezazizokwenzeka. Awu, ngaqhela kukho. Futhi emva kokuphenduka kwami, ibandla lami uqobo, ibandla lamaBaptisti, ngakuxoxisana nabanye babefundisi, kanjalonjalo, futhi bangeluleka ukuba ngidede kuKho, bathi, "Ngingazihlanganisi ngalutho nakho, akulungile. Ngakho, uma noma yini iza kuwe," wathi, "thina. . . Lezozinsuku zo—zokungaphezu kwemvelo, futhi lokho kungakwelinye icala." Wathi, "Siphila ngeZwi."

28 Ngafunda ngelinye ilanga lapho igama libulala khona, kodwa uMoya uyaPhilisa. Ngakho, nga—ngazama ukufuqela kude. Ngakuqonda, ngahlala phansi futhi ngazama ukukunakisisa ngendlela edlula zonke engangingayenza, ngase ngithi, "Nkosi, uma benginephutha, ngithethelele." Futhi kwangena egumbini futhi kwahamba kweza kimi ngalesosikhathi, indoda, ethi ayibe ngamafidi ayisithupha ubude, kodwa ibala elibukeka linsundu samnqumo, izinwele ezimnyama emahlombe aYo, isinda cishe amaphawondi angamakhulu amabili esisindo somuntu, futhi yangitshela ukuthi ngalethwa kulelizwe ukuba ngikhulekele abantu abagulayo, uma bengingabathola ukuba bakholwe futhi babeqotho ngenkathi ngikhuleka, ukuthi akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko.

29 Ngabuza indoda, ngimpofu into yokuqala, futhi mina, ngingafundile, ngase ngithi, "Abantu bebengeke bangikholwe." Ngathi, "Angikwazanga ukwenza abantu bangikholwe."

30 Futhi yangitshela ukuthi ngiyokhulekela amakhosi namakhosi amakhulu, kanjalonjalo; angikukholwanga neze lokho. Umfana onemfundo yasesikoleni yokukhulunywa nokubhalwa kolimi, nokukhulekela a—amakhosi namakhosi amakhulu, kwakul'khuni ukuba ngikukholwe. Nokho, ngangazi ukuthi yayingakaze ingitshele lutho oluyiphutha, kodwa yayimi eduze. Ngalizwa iphimbo, futhi ngabona izibonakaliso.

31 Cishe eminyakeni eyishumi nambili edlule, ngangibhaphathiza iqembu lami lokuqala emva kweyami, enye yezimvuselelo zami eJeffersonville, e-Indiana lapho engangihlala khona ngalesisikhathi, ikhaya lami likhona, njalo, futhi ngimi osebeni loMfula i-Ohio lapho. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . babebuthene ngaphandle. Futhi ngenkathi ngisabhaphathiza, kwakungelesibili nqo kusihlwa, ngoJuni, noweshumi nesikhombisa ongenele engangimbhaphathiza emanzini eMfuleni i-Ohio phansi koMgwaqo uSpring, futhi ngezwa Into ethize ikhuluma, futhi ngezwa iNto ethize ingibamba. Ngase ngibheka phezulu, futhi ngenkathi ngenza,

kwehla kuvela eNkazimulweni kwafika lokhu kuvunguza kwehlela lapho engangikhona.

32 Iphephandaba i*Courier Journal* laliluqukethe udatshana lwakho, lathi, "Inkanyezi eyimfihlakalo ibonakala phezu kukamelusi wendawo oyiBaptisti ngenkathi ebhaphathiza emfuleni." Abakwazanga ukukuqonda. O, kwenyuke cishe abantu abayizinkulungwane eziyishumi baKubona lapho Kwehlela lapho engangikhona, futhi kwabuyela phezulu ezibhakabhakeni, kuza ngqo lapho engangikhona kwase kubuyela phezulu kwayongena esibhakabhakeni. Awu, ngi . . . Abaningi bangibuza ukuthi Kwakuchaza ukuthini, futhi ngathi, "Angazi."

33 Kodwa manje-ke ngenkathi lokhu kufika, futhi wangitshela . . . Ngalesisikhathi wabuka, wayengumuntu. Ngenkathi ngiMtshela ukuthi ngangesaba ukuthi abantu bebengeke bangikholwe, wathi ngiyonikwa izibonakaliso ezimbili njengomprofethi uMose anikwa zona ukuqinisekisa, noma uku, ngamany'amazwi, kucace kini bantu, noma yibaphi abantu ukuthi ngikhuluma iqiniso. Niyabo? Yilokho-ke.

34 Manje, abantu bangasho noma yini, kodwa uma uNkulunkulu engaphenduli ukuthi lokho kuyiqiniso, khona-ke akusilo iqiniso; kodwa uma uNkulunkulu efakaza ukuthi kuyiqiniso, khona-ke ngiyokukholwa; uma uNkulunkulu esho njalo, ngiyokukholwa. Manje, ngifuna nikholwe ukuthi kuyiqiniso.

35 Futhi wangitshela ukuthi ngiyokwazi izifo ngokubamba isandla somuntu, kuqala. Uma ngihlonipha ngokuzithoba, futhi—futhi ngiqhubeke, kuyofezeka ngesikhathi esithize ukuthi ngiyokwazi-ke ukwazi izinto abantu abazenzile empilweni yabo engemuva, futhi—futhi ngikwazi ukubatshela ukuthi kuyoba yini phambi kwabo.

36 Kwase kuthi-ke sengifundisise umzuzwana, Wabhekisela emiBhalweni ukuthi izikhathi eziningi ngiyakwenza ngoJesu waseNazaretha, ngazi ukuthi Akaqondwanga kahle, futhi wangazisa ukuthi angiyikuqondwa kahle; futhi angiqondwa kahle ngabaningi. Kodwa ngibonga kakhulu ukuthi abaningi bawukholiwe uMlayezo. NoJesu akaqondwanga kahle.

37 Nakho kufika omunye kuYe ngesinye isikhathi, uNathanayeli wahamba walanda umfowabo, yilapho nje leNgelosi eyabhekisela khona, noma—noma, uFiliphu wahamba futhi wathola uNathanayeli, ngenkathi efika, uJesu wathi, "Bheka umIsrayeli uqobo, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Ungazelaphi, Rabi na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi."

38 Futhi bhekisisani inhliziyo yakhe. Manje, wayengahlehla, futhi athi, "Kukhona uhlobo oluthile lweqhinga kulokhu."

Wayengeke neze asemukele isibusiso asemukelayo. Kodwa wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli." Futhi wawa phansi ukuba aMkhonze, futhi wanika uNkulunkulu udumo. Inhliziyo yaKhe yayisilungele ukwemukela emva kokuba uJesu eseziqinisekisile Yena uqobo kuye ukuthi Wayeyilokho Ayezisho ukuthi uyikho.

39 Kwase kuthi-ke owesifazane, ngesinye isikhathi weza kuYe emthonjeni, futhi Wakhuluma naye isikhashanyana ukuxhumana nomoya wakhe, futhi Wakhuluma naye, ethi, "Hamba ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

Wathi, "Usho kahle, ubunayisihlanu, nale onayo manje ayisiyo indoda yakho."

40 Wathi, "Ngiyabona ukuthi UngumProfethi," kanjalonjalo. Lapho ehamba futhi watshela abantu bakubo, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele konke engake ngakwenza." Wayexhuxhuma kancane, Akazange amtshele zonke izinto, kodwa Wayazi uma . . . Manje bhekisisani lokhu: Wayazi uma uJesu wayekwazi lokho, Wayazi izinto zonke. Niyabo? Kunjalo. Wayazi izinto zonke uma Wayekwazi lokho, uNkulunkulu wayengembula kuYe.

41 Manje uma uzoqaphela, mngane wami othandekayo ongumKristu, sakhamuzi sakithi soMbuso kaNkulunkulu, uJesu wafakaza ngenkathi esemhlabeni ukuthi Akenzanga lutho ngokwaKhe, ukuthi Wenza kuphela lokho uBaba aMkhombisa khona ngombono ukuba akwenze. Ngabe yiqiniso lelo na? Kunjalo. Niyabo? Kuphela ngalokho uBaba aMkhombisa khona. Niyabo? Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho uBaba aYikhombisa khona, lokho iNdodana iyakwenza."

42 Niqaphelile ngenkathi uLazaru esefile na? UJesu, bathumela kuYe ukuba eze azokhulekela uLazaru, Akazange afike, Wavele waqhubeka nje. Ngiyamangala ukuthi kungani. Wayenombono ukuthi uLazaru wayefanele afe. Ngakho ngenkathi Eqhubeka, uma nizoqaphelisisa imiBhalo, Uyaqhubeka, bathumela futhi, Akazange eze, futhi waqhubeka. Kwase kuthi emva kokuba E . . . Wathi emva kwesikhashana, "Umngane wethu uLazaru ulele." Noma, "Ufile," Wabatshela ngamazwi asobala. Futhi ngakho Wathi, "Kodwa ngenxa yenu, ngiyajabula ukuthi beNgingekho lapho, kodwa Ngiyahamba ngiyomvusa."

43 Manje, ngokwamaZwi aKhe kaJohane oNgcwele 5:19, uBaba wayesevele eMkhombisile okwakuzokwenzeka, ngoba Wathi, "INdodana ingenze lutho kuphela lokho uBaba aYibonisa khona." Ngabe kunjalo na? Futhi ethuneni, bhekisisani umkhuleko waKhe. Wathi, "Susani itshe." Kodwa uma ezovuka, kungani esusa itshe na? Abesifazane babenento ethize ababezoyenza, niyabo. Wathi, "Susani itshe."

44 Wayesethi, “Baba, ngiyaKubonga ukuthi Usuvele uNgizwile. Kodwa Ngikusho ngalaba abami bezungezile.” Umkhuleko ojwayelekile nje, futhi njalo . . . ukubazisa nje, khona-ke Wabiza uLazaru kwaba—kwabafileyo.

45 Manje, lokho okufanayo . . . Futhi eNkosini yethu yenza lezozinto, futhi yenza lezozibikezelo, futhi isho kuphela lokho uBaba aYikhombisa khona, kuphela . . . Yayazi lapho iminyuzi emibili yayiboshelwe khona ngesinye isikhathi; Yayazi lapho okwakukhona khona ikamelo eliphezulu ukuba lilungiswe nomuntu wayezobe ephethe imbiza.

46 Awu, ngimangalelwe ngokuba ngokhonza imimoya yabangasekho, ngimangalelwe ngokuba yisangoma. Futhi omunye wangitshela ngolunye usuku ukuthi . . . wathi, “Ngabe ungowe . . . ”

47 Ngabe lake labakhona iqembu labantu elingumnikazi walelibandla elibizwa ngo “NGINGUYE,” noma into efana naleyo na?

Omunye ungibuzile ukuthi *NGINGUYE* yini.”

Ngathi, “Qhabo, UNGUYE, futhi ngiyinceku yaKhe.”

Wathi, “Awuwubambi umhlangano enhla lapho oNGINGUYE wayekhona na?”

Ngathi, “UNGINGUYE uselapho.” NGINGUYE, leyo yiNkosi yethu uJesu, uNkulunkulu wethu—wethu, uBaba waKhe, “NGINGUYE ENGINGUYE.”

48 Manje, lokho akuqondwa kahle, mngane ongumKristu othandekayo, ngomusa kaNkulunkulu, a—a—angisuye owalabo, ngingu—ngingumfowenu, ngingumfowenu. Futhi ngingahle ngingabi ngokhuluma kakhulu, futhi ngingabhidliza, futhi ngakhe, futhi ngithintithe njengomshumayeli othile omkhulu, onamandla, angizisho ukuthi nginguye. Futhi amahloni ami, angikwazi ukuzibamba kulokho, yileyondlela uNkulunkulu angenza ngayo, ngi—ngifanele nje ngibe yilokho engiyikho. Yilokho kuphela. Futhi nje yindlela Afuna ngibe yiyo, yileyondlela engifanele ngibe yiyo. Futhi ngenza kuphela njengoba Ethi yenza. Futhi, kuqala, lokho bekuyongilimaza . . .

49 Ngesinye isikhathi emhlanganweni eCleveland kungekudala, kwakukhona indoda eyikhaladi yenyuka, yase ithi, “Ngingalithola ikhadi lomkhuleko ukuba ngibhulelwe na?”

50 O, he! Kimi, lokho kwaku . . . Ngi—ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu ubengeke akubambe lokho kumelane nomfowethu ompofu, wayephuza, kodwa u—u . . . Ngithemba ukuthi uNkulunkulu angeke. Khumbulani, ubungahlambalaza uMoya oNgcwele lapho, niyabo. Niyabo?

51 Nakuba, bangane, uSathane unento ethize angayifanekisa, noma alingise noma yini uNkulunkulu anayo, zonke izinto anazo, wadingeka alingise uNkulunkulu ngakho. Kodwa lapho

okukhona khona a—amanga, kuzofanele kubekhona okuqinisile ndawondawo ukuba kwenziwe ngakho, kungenjalo bekungeke kube amanga. Ngabe kunjalo na? Uma ubunedola mbumbulu, awu, kuzofanele kube ne—nedola langempela ndawondawo, noma uma kungenjalo, lokho ngokwasekuqaleni, niyabo, futhi bekungeke kube okumbumbulu.

52 Kodwa uJesu akaqondwanga kahle, naye. Wabethelwa. BaMbiza ngoBelzabule; noBelzabule: umbhuli, noma idemoni. Benazi yini ukuthi uBelzabule wayengudeveli na? Inkosana yodeveli. Futhi basho umsebenzi waKhe, izenzo zaKhe—zaKhe lapho Ayengabikezela khona izinto futhi abone izinto eyayizofezeka, futhi Wakhipha odeveli, kwakungamandla kaBelzabule, owayeyinkosana yodeveli. Babazi ukuthi amandla aKhe ayengaphezu kwabo bonke abaprofethi, babazi ukuthi Wayesezingeni eliphakeme kunanoma yimuphi wabaprofethi, ngokuba Wayazi futhi waqonda, noBaba wayenaYe, kanjalonjalo njengoba Asho, noNkulunkulu wayeqinisa lokho uJesu ayekusho ukuthi kuyiqiniso. Kodwa izwe langaphandle lobufundisi bezenkolo, izwe lezenkolo kwakuyilo elathi, "UnguBelzabule, wakhipha odeveli ngenkosana yodeveli."

53 Kodwa niqaphelile na? Odeveli ngenkathi behlangana naYe, bathi, "Siyazi ukuthi Ungubani, UyiNdodana kaNkulunkulu." Kunjalo. Futhi babefanele baliqonde igunya laKhe.

54 Manje, "Uma bebiza umnininindlu ngoBelzabule, bayobabiza kangakanani labo babafundi baKhe na?" Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

55 Futhi ngi—ngithemba ukuthi anginikanga muntu umuzwa wokuthi bengilapha ukuzama ukwenza okungalungile. Ngi—ngingaqoka ukuya ekhaya futhi ngingazami kunokuba ngizame ukuba ngumkhohlisi.

56 Omunye wayesesakhiweni ngobunye ubusuku, wayenokukhulu, umuzwa oqinile walokho, ukuthi ngangingumkhohlisi. Futhi ngakho ngakwazi, futhi ngatshela indodana yami ngakho. Futhi namhlanje incwadi iletha ingenile ivela enenekazini elaqinisekisa, umfana wami wabuka phansi, wathi, "Awubheke lapho, Baba. Lokho nje o . . . "

Ngathi, "Impela. Bengazi ukuthi kwakuza, niyabo, ngoba Wangikhombisa ukuthi kwakuza." Ngathi, "Wayelapho ngobunye ubusuku."

57 Ningizwile ngikhuluma kuzwakale, "Angisuye umkhohlisi," endodeni ehlezi emuva lapho na? Bengazi ukuthi ibicabanga lokho, yathi ngangingumkhohlisi. Awu, uma ngingumkhohlisi, woza ufakazise ukuthi nginephutha, lokho—lokho kunjalo. Niyabo?

58 A—a—angilutho kodwa inceku ye—yeNkosi, njengoba unjalo nje lowo ngumKristu. Niyabo? Futhi ngingenze lutho ngokwami, kuphela lokho iNkosi engibonisa khona,

lokho ngingakwenza, ngingenze okungaphezu kwalokho Engikhombisa ukuba ngikwenze. Futhi kulemibono, Ingikhombisa izinto ezizokwenzeka, ingikhombisa izinto abantu ozenzile.

59 Okokuqala, cishe iminyaka emibili, noma, ngaphezudlwana kweminyaka emibili, cishe iminyaka emithathu, indlela kuphela engangingasho ngayo kwakungenkathi ngibamba isandla somuntu futhi kwakubonisa ukubuka okuxakile e—esandleni. Futhi mhlampe uNkulunkulu wayazi ukuthi lokho kwakuzobangela ukudideka okuncane. Ngingasho into ethize enhliziyweni yami uma kulungile na? Niyabo? Kwakukhona abantu abaningi kakhulu abaphumayo futhi baba nemizwa exakile ezandleni zabo kamuva, niyazi, futhi babanomuzwa okungesiwo ukucabanga ukuthi uphulukisa abantu ngomuzwa othile obunawo esandleni sakho. Abaningi bayoza kimi, futhi bathi, "Mfowethu Branham, yizwa futhi ubone ukuthi nginamandla okuphulukisa yini."

60 Qhabo, ngiyakutshela manje, awunawo. Amandla okuphulukisa kuphela akhona alele kuJesu Kristu. Kunjalo. Yilokho kuphela. Yilokho kuphela! Into kuphela ongayenza ukukhomba abantu kulokho. Futhi yilokho kuphela engingakwenza, kumbe noma ubani omunye angakwenza ukukhomba abantu kuJesu Kristu Osevele ubaphulukisile. Ngenkathi Efa eKalvari, Wakhokha inani eliphakeme. Wakhokha. . . Zonke izibusiso zokuhlenga Azifela eKalvari sezivele zikhokhelwe phambi kukaNkulunkulu, isikweletu sesikhokhelwe ngokugcwele, futhi uyaxolelwa phambi kukaNkulunkulu, usukhishiwe esitolo esibambisa ngempahla. Kunjalo. Into kuphela ofanele uyenze, ngukwemukela ukukholwa kuKristu, futhi uphume esitolo esibambisa ngempahla, yilokho kuphela.

61 UnguMhlengi wethu oyisiHlobo sethu somndeni. Akunjalo na? UNkulunkulu wabonakaliswa enyameni ukuthatha indawo yethu, ukuba abe yisiHlobo somndeni kithi. NjengaseNcwadini kaRuthe, no-Eksodusi, nokunye nokunye, ukuthi kushumayela kanjani, kufundisa lapho ukuthi siba kanjani yizihlobo kuNkulunkulu, noNkulunkulu wehla futhi wahlala eNdodaneni yaKhe, uKristu Jesu, waba isiHlobo somndeni kithi. Futhi WayenguMhlengi wethu oyisiHlobo somndeni. Futhi ubufakazi phambi kwabantu bonke babuzokwenziwa phambi kuka-Israyeli emasangweni, njengoba uBowazi akhahlela izicathulo zakhe ukukhombisa ukuthi wayemhlengile ngokuqinile uNawomi, futhi ekuhlengeni uNawomi, wathola uRuthe umlobokazi.

62 Futhi uJesu, ngenkathi Ehlenga u-Israyeli, Wathola uMlobokazi wabeZizwe. Wenza ubufakazi phambi kwabantu bonke: Waphakanyiswa phakathi kwamazulu nomhlaba njengeBhanela, khona ngaphandle kwamasango aseJerusalema.

Futhi yilapho inani elikhulu kunawo onke lakhokhwa khona, yilapho esahlengwa khona. Futhi lonke ifa lethu elalahleka, impilo yethu, amandla ethu okuqina, insindiso yethu, wonke lowo owalahleka emuva lapho ekuweni wahlengwa eKalvari. Nakho-ke.

63 Futhi mfowethu, dadewethu, akusikho ukuthi ungakhuleka ngomusa kangakanani, noma kungakanani ukuzihlawulisa ongakwenza, ngukukholwa kwakho ukukholwa ukuthi Ukwenzele wena okukulethayo. Kunjalo. Sonke isoni sisindisiwe kulobubusuku ebusweni bukaJehova uNkulunkulu, kodwa akusoze kwakusiza ngalutho uze ukwemukele, futhi ukukholwe, futhi ukuvume, bese kuthi-ke UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwakho ukukulungisa phambi kukaNkulunkulu.

64 Futhi noma yiziphi izibusiso zokuhlenga, uma ukhandlekile: "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo; ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina." Sekuvele kwenziwe, kwemukeleni nje.

65 Manje, umfundisi angathatha iZwi futhi alichaze. Angifundile, angazi kakhulu ngeZwi, icebo kuphela lensindiso nezinto uNkulunkulu angembulele zona. Alifiki neze ngekolishi lezenkolo noma ngezimfundiso, lafika kuphela ngesambulo sikaMoya. Futhi engikwaziyo, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu wanginika khona. Bese kuthi-ke, ngingazi kakhulu ngeZwi, Wanikeza lezi ezinye izinto okungahle kube yisiqinisekiso kini bantu ukuthi nginitshela iqiniso.

66 Futhi uNkulunkulu uyazi ngazo zonke i. . . Ngishumayele ngaphambi kwezigidi, kodwa asikaze sibekhona isikhathi engake ngasho ukuthi nganginesandla kukho. Ukuthi lonke udumo luya kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Owakuhlenga emuva lapho. Futhi ngingakhuluma kuphela futhi ngisho njengoba Ekhuluma futhi esho. Futhi ngiyakholwa kulobubusuku, ukuba bengisuka esakhiweni kulobubusuku ukuba ngingaphinde ngibuye futhi, ngikholwa ukuthi nina bantu benizofanele ninikeze ubufakazi obekade esemihlanganweni, nomaphi esizweni noma ngaphandle esizweni owaziyo ukuthi ngaso sonke isikhathi ukuthi isiguli, lapho ngihlala phansi nesiguli, akunandaba ukuthi bangobani, nini noma kuphi . . .

67 Njengenenekazi engahlangana nalo epaki ngoluny'usuku ezansi lapha, laliza linqamula epaki, lalivela e-Illinois, futhi laligula kakhulu, futhi leza linqamula epaki, lase lithi, "O, Mfowethu Branham," futhi laqala laphaya, ngase ngihlala phansi eceleni kwalo. Futhi lapho uMoya oNgcwele wabuyela emuva (Futhi lingahle libekhona manje, ngiqagele likhona.), lase libuyela emuva lase limtshela konke phansi empilweni yalo, lihlezi lapho epaki, niyabo, futhi cishe . . .

68 Anikaze nisibone isikhathi, noma yimuphi wenu, kodwa ukuthi Ushilo nje ukuthi kwakuyini indaba ngesiguli, nezinto emuva empilweni yabo, obekuyikho. Ngabe kunjalo na? Futhi lokho yi...Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Manje phakamisani izandla zenu njenge—njengesiqinisekiso, lokho. Niyabo? Manje, lokho akuphulukisi, lokho kungukuqinisekisa nje, ukubona ukuthi uJesu Kristu ukhona.

69 Futhi ubusuku obubili obedlule, bangane, sisanda kukhulula abantu ekukholweni kwabo uqobo, futhi sibaletha bedlule lapha, futhi ngizamile nje ukuma lapha futhi ngithathe uhlangothi lokuqala, futhi nje, lapho abantu befika, ugweme nje ukungena ekukhulumeni nabo, kodwa nje ukubakhulekela futhi ubedlulise lapha, noNkulunkulu usenzele izinto ezimangalisayo. Futhi ngiyajabula futhi ngiyaxhuxhuma ngakho, ngoba ngingahlangana nabantu abaningi. Ngokuvamile ngibathathe ngamunye ngamunye, ngamunye ngamunye, kuthatha isikhathi eside kakhulu ukungena e...ukuthola inani labantu elifanele. Kodwa manje sengifika endaweni lapho engingathatha khona amashumi amahlanu ubusuku ngabunye. Futhi ngiyakholwa ngaphambi kweviki, ngeviki elizayo, ngizokwenza ikhulu noma ngaphezulu ubusuku ngabunye. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu anga...

70 Futhi ngifuna ngamunye wenu, lapho nedlula lapha, kungakhathaleki ngesimo senu, ngifuna nemukele uJesu njengoMphulukisi oqondene nani, futhi niphume lapha nikholwa, nifakaza, nibiza ukuphulukiswa kwenu ngaphambi kokuba nizwe kumbe noma yini enye.

71 Manje, inenekazi eselikhulile izolo ebusuku ebeliyimpumputhe, bathole into endala bandla emsamo, nje njenge...Kusobala, ugcobo belushaya kanzima kabi, belisekuqaleni komugqa ngqo. Futhi ngathi, "Lihlaliseni phansi," ngacabanga ukuthi bengingafika kulo emizuzwaneni embalwa. Ngibonile ukuthi beliyimpumputhe, lizingqubuza ezintweni, futhi—futhi bazame ukulihlalisa phansi. Ledlula, ngase ngibeka izandla zami phezu kwalo futhi ngalibusisa. Futhi lapho liqala ledlula, lapho nje uMoya uliphendula, Ungidonsele ngapha nangapha, Ngazile ukuthi bese kuphelile ngaleyonkathi, nanto belilapho, lemukela ukubona kwalo. Omunye ungitshela ukuthi lihlezi emuva lapho lifunda nezinto ezinjalo kusukela lapho. Ukuthi uNkulunkulu wayelibusise kanjani! Futhi sibonga kakhulu kanjani!

72 Nabanye okade eyisithulu, nabanye abebeyizimungulu, nazo zonke izinhlobo ezehlukene zezifo siphulukisiwe emhlanganweni. Manje, silindele izinto ezinkulu. Kwenzekile nje ngabuka inenekazi elincane elihlezi lapha ligula esihlalweni. Manje, Nkulunkulu yiba nomusa kubo bonke.

73 Manje, ngifuna ukufunda omunye umBhalo ngokukhulu

ukushesha manje, ukuze sikwazi ukuthola umugqa wethu womkhuleko uhamba. Senikulungele ukukhulekelwa na? Nikholiwe ngenhliziyo yenu yonke na? O, kwangathi uNkulunkulu anganibusisa.

74 Isihambi esangweni lethu, ungahle ukuba awukaze ukubone u—ukubona okufihlakeleyo okungaphezu kwemvelo kwezifo. Angazi ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenzani. Mhlawumbe Uzobamba omunye emgqeni, noma omunye angibuze ukuthi yini engalungile, noma into ethize efana naleyo empilweni yabo; kungahle kube nomuntu onesono odlula emsamo, Angahle angibize khona lapho futhi akumise. Ngokwejwayelekile, emva kokuba kade besemhlanganweni futhi babone eziningi kakhulu zezinto ezimenyeziwe, ngokuvamile bayaphenduka ngaphambi kokuba bafike emsamo, futhi balungele, ngoba izinto eziningi ezesabekayo zitshelwe abantu, kanjalonjalo, phezu komsamo. Futhi ningofakazi balezozinto.

75 Manje, ngifuna ukufunda omunye umBhalo khona manje, ukuze. . .Amazwi ami azohluleka, ngingumuntu, kodwa *la*maZwi angeke ehluleke; *Leli* yiZwi likaNkulunkulu, Lingeke lehluleka.

76 Manje, bangaki phakathi lapha abanokukholwa kuJesu na? Ake sibone izandla zenu. O, kuyamangalisa! Kulungile. Bangaki okholwayo ukuthi Unguye namhlanje njengoba Ubenjalo izolo nansuku zonke na? O, lokho kuhle. Ngifuna. . .Manje, lokho ukukholwa kwakho. Futhi ngifuna ukunikhombisa okunye engifuna nibe nakho kulobubusuku. Ivesi 14 lesahluko 2 sikaJakobe oNgcwele, futhi ngizofunda ngisho nelama 26 nalo. Lalelisisani ekufundeni manje:

> *Kusizani, bazalwane bami, noma umuntu ethi unokukholwa, futhi engenamisebenzi na? ukukholwa kungamsindisa na?*

Kungeke. Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, ufanele ukukholwe bese-ke ukuvuma ukuthi Ukwenzile, ngaphambi kokuthi kuzoza. . .khona-ke kusebenza ukulunga, niyabo.

> *Uma umzalwane noma umzalwanekazi behambaze, futhi—futhi beswela ukudla kwemihla ngemihla,*

> *Kusho omunye kini kubo, Hambani nibe-nokuthula, nifudumale nisuthe; kepha ningabaphi. . .lokho okudingwa umzimba; lokho kusizani na?*

> *Kanjalo-ke nokukholwa, uma kungenayo imisebenzi, kufile, ngokwakho.*

> *Yebo, omunye uyakuthi, Wena unokukholwa, mina nginemisebenzi: ngibonise ukukholwa kwakho ngaphandle kwemisebenzi yakho, nami ngizokukukhombisa ukukholwa ngemisebenzi yami.*

> *Uyakholwa . . . uNkulunkulu munye; u*yakholwa *kahle: namademoni ayakholwa, futhi athuthumele.*
>
> *Kepha wena uyazi, O muntu ongelutho, ukuthi ukukholwa ngaphandle komsebenzi kufile na?*
>
> Ini . . . *U-Abrahama ubaba wethu wayengalungisiswa yini ngemisebenzi, enikela ngendodana yakhe u-Isaka e-altare na?*
>
> *Uyabona ukuthi ukukholwa kwasebenza ne . . . msebenzi, nokuthi ukukholwa kwapheleliswa ngemisebenzi na?*
>
> *Futhi kwagcwaliseka umbhalo othi, u-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga: futhi wayebizwa ngokuthi uMhlobo kaNkulunkulu.*
>
> *Niyabona ukuthi umuntu uyalungisiswa ngemisebenzi, kungekukholwa kuphela.*
>
> *Kanjalo noRahabi isifebe wayengalungisiswa ngemisebenzi yini, ngenkathi ezamukele izithunywa, waziphumisa ngenye indlela na?*

Manje ivesi lokugcina, lalelisisani:

> *Njengomzimba ongenamoya ufile, kunjalo ukukholwa okungenamisebenzi kufile nakho.*

77 Manje, nonke nina eninokukholwa, futhi niyesaba ukukusebenzisa, ngeke kusize ngalutho. Kungani kungenjalo, kungani nje ungabeki eceleni yonke into engafani nokukholwa na? Kholwa futhi wenze kulokho okukholwayo, hhayi lokho o—lokho okuzwayo, noma lokho imizwa efakaza ngakho, kodwa lokho ukukholwa kwakho okufakaza ngakho. Ngabe kunjalo na? Unokukholwa kuNkulunkulu, bese-ke wenza sengathi unokukholwa kuNkulunkulu.

78 Manje, uma u-Abrahama ethi, "Nginokukholwa kuNkulunkulu," kodwa wayesaba ukunikela ngendodana yakhe u-Isaka, khona-ke ukukholwa kwakhe kwakungalungile. UPawulu walungisisa u-Abrahama ngokukholwa, uPawulu wayekhuluma ngalokho uNkulunkulu ayekubone ku-Abrahama; kodwa uJakobe wamlungisisa ngemisebenzi, uJakobe wayekhuluma ngalokho abantu abakubone ku-Abrahama. Niyabo? UNkulunkulu uyakubona ukukholwa kwakho, abantu ubona imisebenzi yakho. Futhi uma uthi unokukholwa futhi niyesaba ukuphuma futhi nenze imisebenzi ngakho, khona-ke akusizi ngalutho, akusoze kwakusiza ngalutho. Ufanele ukukholwe, ufanele ukwamukele, futhi ufanele uziphathe njengakho, awufanele na?

79 Manje, nicabanga ukuthi kwakuyinto elula kimi ukuza ngenkathi leyoNgelosi ifika kimi, futhi akukho lutho olunjengalokho, njengoba ngazi ngakho, kusukela ezinsukwini

zabaphostoli, okwake kwenzeka, ukuba ngiphume phambi kwezinkulungwane, futhi ngezinye izikhathi abaningi ngangabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu namashuni amathathu emhlanganweni owodwa, futhi bathi. . .futhi benze inselelo yalolohlobo lapho kuhlezi i*Look*, i*Life*, i*Time*, ama*Collier*, abagxeki, odokotela, nakho konke bezama ukuthola iphutha elilodwa ngakho na? Nicabanga ukuthi lokho kwakulula na? Kodwa mfowethu nodadewethu, ngiyamkholwa uNkulunkulu, lokho nje Angitshela khona, futhi kuyoba ngaleyondlela.

80 Futhi ngenkathi ngima lapho futhi ngathi amakhosi namakhosi amakhulu ezwe ayobe engibiza ukuba ngiwakhulekele, kwakuyilokho. . .Ngakukholwa ngoba Wangitshela kanjalo. Futhi inkosi enkulu kunawo wonke emhlabeni yangithumelela imilayezo ngetelegramu esebenzisa izintambo ezihamba ngaphansi kwamanzi ukuba ngihambe ngiyoyikhulekela, okungukuthi uKing George waseNgilandi, nabehlukene kanjalo, namadoda amakhulu ezweni lonke.

81 Lapha, kwakukhona indoda enkulu khona lapha, ihlezi lapha eyayifake izinduku zokuqhugela isikhathi eside, indoda kakhongolose ye-United States Congress, ihlezi lapha uMnu. Upshaw wahlala lapha, wayekhubazekile iminyaka eminingi, eminingi, iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha, elimele. Futhi nangu kulobubusuku engenazo izinduku zakhe zokuqhugela, engenasihlalo sakhe, engenalutho, ehamba nje ngokwejwayelekile. UMoya oNgcwele uqinisile. UNkulunkulu uyakwenza. . .Lowo nguye ophakamise izandla zakhe, uma abanye benu bengakaze bambone, lowo nguye lapha. Bangaki abake babona. . .abangakaze bambone uCongressman Upshaw, indoda kakhongolose na? Asinibone niphakamisa izandla zenu. Awu, wayeyinkubela iminyaka engamashumi ayisithupha nesithupha, wawa. Futhi ngisami lapha emsamo, ngenkathi ngenyuka. . .UNkulunkulu oPhakade, OngumaHluleli wami, uyazi angikaze ngibone noma ngizwe ngomuntu empilweni yami, ngingamazi. Angifundile, ukuba nganginemfundo, ngangiyoyazi lendoda, ukuba ngangikade ngisemitapweni yolwazi futhi ngafunda izincwadi, futhi. . .Wangenela ubumongameli, ngiyacabanga, ngo 1926. Futhi u. . .Nendoda enkulu evela eGeorgia, kodwa angizange ngimazi.

82 Futhi ngobunye ubusuku, ngahamba ngangena emsamo lapha, uMnu. Baxter wayesanda kusuka emsamo, ngabuka, kulenga khona phandle lapha, futhi ngibone iWhite House, ngabona konke ngakho, ngaqala ukukhuluma, futhi angikwazanga ukusho, futhi ngatshela uMnu. Baxter. Emizuzwaneni embalwa, Kwawa futhi ngabona lapho indoda yayihlezi khona, ngibonile ukuthi kwakunguye, ngambona elimala ngenkathi esengumfanyana nje. Futhi wayekade eyisishosha ngakho konke. . .Futhi ngaqala ukuhamba, noMoya

kaNkulunkulu uqala ukwehla, nowesifazane wayephakamile waphuma esihlalweni esinamasondo, nezinye futhi izinto ezazenzekile lapho uMoya oNgcwele wembula kubo, futhi lapho ngiqala, uMnu. Kopp lapha, u, uMfowethu Kopp, umelusi ugijimela phezulu lapho, ngase ngithi, "Hamba utshele indoda kakhongolose ukuthi uNkulunkulu uyiphulukisile. Ngiyibonile, ihamba isuka."

83 Lapha yena...Ungasukuma, ndoda kakhongolose, ukuze nje abantu bakubone na? Nangu, indoda kakhongolose yase-United States of America eyayikhubazekile iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha. Asithi, "Ayibusiswe iNkosi." UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

84 "Futhi babengeke basho lutho olubi ngakho, ngokuba indoda yama nabo ababekade belele esangweni iminyaka engamashumi amane," futhi lendoda yayineminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha iyinkubela. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade...

85 Wakwenza kanjani uMnu. Upshaw...? Angikaze ngimbone empilweni yami, ngangingazi lutho ngaye, ngazi kanjani ukuthi wayeyindoda kakhongolose nokuthi wayengubani na? Kodwa uMoya oNgcwele wakwembula lapha emsamo. Niyabo? Wakwembula. Okwakhe...Wenza izimfihlo zaKhe zaziwe...Manje, lokho akuhlangene ngalutho nami. Niyabo? Mina, kwenzeka nje ukuthi ngazalelwa leyonhloso. Niyabo? Njengechibi nje namanzi aseBethesda, kwakungeke kuthi, "Buka ukuthi ngingamanzi amakhulu kanjani." Ngokuba ngenkathi iNgelosi iphuma emanzini, kwakungamanzi nje. Kunjalo na? Kunjalo.

86 Manje, ngingumfowenu nje, ngomusa kaNkulunkulu, kodwa lapho iNgelosi yeNkosi yehla, kuba yiPhimbo likaNkulunkulu khona-ke kini. Mhlawumbe, uma nginikhubile ngokusho lokho, ngithetheleleni, kodwa, ngizwe ukuthi lokho kungahle ukuba kuthukuthelisile, kodwa ngiyiPhimbo likaNkulunkulu kini. Niyabo? Ngiyakusho lokho futhi, ngalesosikhathi bengingaphansi kokuphefumulelwa, niyabo, futhi ngi—ngiphatheke kabi ngakho okokuqala, kodwa Kukuphindile. Manje niyabo, ngeke ngasho lutho ngokwami, kodwa lokho Angikhombisa khona, ngiyakusho. Kukholwe, bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani. Niyabo, ukwenzile.

87 Emva kokuhlala emihlanganweni emikhulu...Manje bukani lapha, uMnu. Upshaw lapha uhlezi phansi kokushumayela kukaMnu. Freeman. Futhi uMnu. Freeman, o, he, cishe uyindoda enamandla emiBhalweni. Angimazi uMfowethu Freeman, kuphela nje ngokubona isithombe sakhe. Kodwa akungabazeki, uyindoda emangalisayo kaNkulunkulu. Futhi u-Oral Roberts, he, u...Ngiyamazi u-Oral, no-Oral uyindoda emangalisayo kaNkulunkulu, umshumayeli omkhulu.

Futhi uMfowethu Ogilvie, ngihlangane naye kabili, indoda emangalisayo. Futhi uMfowethu Upshaw ehlezi lapho, nalawomadoda emkhulekela. Kodwa kwenzekani na? Kwenzeka nje kwaba yinkathi yonyaka. Kwase kuthi-ke ngenkathi kufika, futhi wabona u—umnyakazo ongaphezu kwemvelo. . . Niyabo? Akumangalisi na? UNkulunkulu uthumela iZwi laKhe, khona-ke Uthumela into ethize ukuqinisa lokho ukukwesekela, niyabo. Ngakho, sinakho konke okwakho, futhi besifanele sibonge ngakho, anicabangi kanjalo na?

88 Manje, wathi ebufakazini bakhe, wathi wayekholwa ukuthi ngangine. . . iZwi leNkosi lalikhuluma ngami. Ngakho, washo wehla ngezinduku zakhe zokuqhugela nezinto, futhi wasuka wahamba, ekahle futhi ephilile. Niyabo?

89 Ngangingeke ngiyitshele leyondoda ukuthi uma, kuqala, ngangingazi ukuthi uNkulunkulu wayengitshele kanjalo. Niyabo? Kunjalo. Futhi ngizozama ukuba qotho kuwo wonke umuntu engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani. Futhi ngi. . . Uma kukhona. . . UJesu wathi, "Enikubopha emhlabeni kuyoboshwa eZulwini: okukhulula emhlabeni kuyakukhululwa eZulwini." Manje, singakwenza lokho njengoba uBaba evuma. Manje, kwangathi iNkosi uJesu inganibusisa.

90 Futhi manje, kwabanye benu abayizihambi lapha, uma uMoya weNkosi, okhona, uma Engaboni noma asho noma yini mayelana nezethameli, ngani, noma—noma, kulobubusuku kumbe noma ubani emgqeni, ku—kuqinisekisiwe, kakade, ngalababantu ukuthi kuyiqiniso, ngoba kulobubusuku. . . usuku ngalunye. . . Namhlanje angika. . . Ngizamile nje ukuhlala ngijabule, futhi—futhi ngikhuleke, niyazi, futhi—futhi ngihambahambe, futhi ngithokoze. Lapho ngingena ngaphansi kogcobo, ngilahlekelwa. . . Ngilahlekelwa okulingana cishe amaphawondi amabili ngosuku lapho—lapho—lapho ungaphansi kwalologcobo. Ngilahlekelwe, ngiyakholwa, amaphawondi ayisithupha ngicabanga ukuthi bekuyiwo, noma okuthize, selokhu ngibe kulomhlangano. Ngakho, namhlanje ngizamile nje ukuziphumuza, futhi nje ngiphume. Kuyinto ethize eyenza kimi, esusa ingxenye yomuntu, futhi ngakho-ke siyazi ubungeke uphile isikhathi eside kakhulu kanjalo. Futhi manje khulekani, futhi ngizokhuleka, bese kuthi-ke lapho sishayisa abantu umugqa womkhuleko, uNkulunkulu, ngiqinisekile, uzozwa umkhuleko futhi aphendule.

Singakhothamisa amakhanda ethu.

91 Baba waseZulwini othandekayo, ngibonga kakhulu kulobubusuku ukuba nalenhlanhla yokubalwa phakathi kwaleliqembu lamaKristu, leliqembu labantu bakaNkulunkulu abasindisiwe, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu asendleleni yawo kulobubusuku kuleso esikhulu, isifunda esijabule ngaleya kwezinkanyezi, ngaleya kwakho konke

ukugula, inkathazo. Ngibonga kakhulu, Nkosi, ukuthi, ngomusa kaKristu, ukuthi Wangibizela ukuba ngibe ngumfowabo. Ngibonga kakhulu kanjani!

92 Futhi manje, Baba othandekayo, ngibonga kakhulu ukuthi Wena ufakazile kakhulu kubantu kusukela ekuqaleni, nezinto Ozivumele eyaKho empofu, inceku engafundile ukuba izisho, lokho, kukhombisa ukuthi bekunguWe okhulumayo, futhi hhayi ompofu, umuntu ongafundile, ukuthi Ukwenze kwafezeka ukuthi amadoda amakhulu namakhosi omhlaba . . . Futhi ngikholwa ukuthi kusekhona okuningi okuzayo.

93 Futhi manje, Baba, kuyinhlanhla yami ukuba lapha eCalifornia kulobubusuku lapho izinkonzo ezinkulu ziqhubeka khona ndawo zonke. Inceku yakho, uMfowethu Freeman, usezansi ekhoneni lapho, Uyazi ukuthi ukuphi ngokuba Wena unaye. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa abaningi ezansi lapho kulobubusuku. Siphe, Nkosi, ukuthi abaningi balabobantu abampofu, abaningi babangane bethu abangamakhaladi baphakathi lapho. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa futhi ubaphulukise kulobubusuku, kwangathi kungaba ubusuku obukhulu. Futhi siyezwa ngale ethempelini, i . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . lapho inceku yaKho, uNkk. McPherson . . . [Akuqoshwanga eteyipini.] . . . thinta wonke umuntu kulobubusuku walabobantu abagulayo abampofu abangenayo ukuba bakhululwe . . . [Akuqoshwanga eteyipini.] Siphe khona, Nkosi.

94 Futhi emhlabeni wonke jikelele, khumbula bonke abantwana baKho kulobubusuku, baphulukise, Baba. Busisa wonke umfundisi nazo zonke izincekukazi zaKho, nalabo abazama ukufaka umzamo uku—ukwenza into ethize yenzelwe Wena kulensimu enkulu yokuvuna. Babusise bonke.

95 Bese kuthi-ke, Baba, sikhumbule kulobubusuku lapha kuleliqembu elincane kulobubusuku, sikhulekela ukuthi abaningi bazophulukiswa, abaningi bazosindiswa, abaningi bazokholiseka ngoBukhona baKho, Nkosi. Futhi kwangathi sonke, nenceku yaKho ifakiwe, nabo bonke abefundisi, nathi sonke lapha, sizosuka emnyango walendlu kulobubusuku singumKristu ongcono kunoma besinjalo ngenkathi singena, nokukholwa okuningi kuWe, nothando oluningi ngaWe, Baba. Siphe khona, lezizibusiso ezinomusa.

96 Futhi uma kuba yintando yaKho yobuNkulunkulu kulobubusuku, Nkosi, ukuthi uma bekhona abeza benqamula emsamo abakhubazekile, futhi kuyintando yaKho, engikholwa ukuthi yiyo, ukubanika ukuphulukiswa masinyane esimweni sesimangaliso, ngokuzenzakalelayo, ukuze abantu phandle ezethamelini babone futhi bakholwe ngokukholwa okukhulu, ngikhulekela ukuthi kuzoba njalo, Nkosi. Kodwa nokho, uma kungenjalo, lapho siKucela, sikholwa ukuthi siyakwemukela

esikucelayo. Futhi Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobapha ukukholwa okukhulu, ukuthi abazukudumala, kodwa bazohamba besuka lapha bejabule, bethokoza, bekubhekile noma ngasiphi isikhathi, bezama yonke imizuzu yokuphila kwabo ukuba bahambe kangcono, noma uku—ukubona, kumbe noma kungaba yini inkathazo yabo.

97 Futhi uma kuba yintando yaKho yobuNkulunkulu ukwembula izimfihlo zezinhliziyo zanoma yimuphi wabo okubabangele ukuba babe kulesisimo, khuluma encekwini yaKho ethobekileyo, Nkosi. Bheka, ngimi, ngethemba ukuthi iGazi likaKristu lizongihlanza kuzo zonke izono zami, ukuthi ngizoba ngumgudu Ongakhuluma ngawo kulobubusuku kubantu baKho. Yizwa umkhuleko wami, Baba, njengoba ngikucela ngabo bonke ubuqotho benhliziyo yami, eGameni leNdodana yaKho, uJesu. Amen.

98 Manje, bangane abangamaKristu athandekayo, ngifuna nonke phandle lapho nibe semkhulekweni kanye nami. Nonke, abaningi benu mhlawumbe ngeke babe semgqeni womkhuleko, futhi, ofuna ukuba semgqeni womkhuleko; ngi—ngifisa sengathi bengi—ngingakwenza. Njengoba ukukholwa kulokhu kwakha, ngikholwa ukuthi sizozama ikhulu, mhlawumbe, kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda. Bese kuthi-ke uma singaqhubeka ngekhulu, uma kungekho okuningi kakhulu kokubona okufihlakele, khona-ke ngingakwenza kulunge, niyabo. Kodwa ngi. . . Ku—kulokho, lapho kukhuphuka, kunezinto eziningi nje. . .

99 Manje, lapho eqala ukudlala lowomnyuziki khona lapho, ngingaqala ukuKuzwa kwehla. NaKho. Niyabo?

100 Buka, mngane ongumKristu, angazi ukuthi ba. . . esinye salezozithombe zikuphi. Kodwa nisibonile, nonke, nisibonile na? Iningi lenu nonke nisibonile isithombe saKho, sisemuva lapho ekhawunteni. Kufakazelwe yizwe lesayense ukuthi KwakuyiNgelosi kaNkulunkulu ngabahloli ababedlula bonke iMelika enabo, iFBI.

101 Manje, Ilapha manje emsamo. Yiqiniso, mngane othandekayo, angazi ukuthi ngikwenze kanjani ukukholwe, kodwa ku—kuyiqiniso. Futhi uma ungeke ubuke indoda, umfowenu, kodwa uma uzobheka kulokho engikhuluma ngakho, iNkosi uJesu, neNgelosi yaKhe ephulukisayo emsamo. . .

102 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uneziNgelosi zokuphulukisa ezithunyiwe na? Kwakuyini enyokeni yethusi khona-ke na? Kwakuyini emanzini echibi laseBethesda uma kwakungesiyo iNgelosi eyavela eZulwini yehla. Niyabo? Niyabo? Angisiso isipho sikaNkulunkulu, iNgelosi iyisipho sikaNkulunkulu; Yavela eZulwini, ngavela emhlabeni. Futhi Yehla ivela eZulwini ukusonga, noma ukumboza isitsha sasemhlabeni ukuba sikhulume kubantu basemhlabeni, niyabo,

ukuthi—ukuthi bona . . . ubuyokholwa kuYe, hhayi kimi, kuYe engikhuluma ngaye, futhi ngokwenza kanjalo, uNkulunkulu uzokuphulukisa.

103 Asibize umugqa wethu womkhuleko manje. (Yiziphi—ziphi—ziphi izinombolo, noma, izinhlamvu nezinombolo ozikhiphile, ndodana na? Amashumi amahlanu-nanye kuya ekhulwini. Futhi yiluphi lolohlamvu na? U-U. Kuseko-U.) Kulungile. Amashumi amahlanu-nanye kuya ekhulwini. Manje ake sibone, bangaki . . .? Ake sibone, ngabe amashumi amahlanu-nanye, ikhadi lomkhuleko lilapha na? Omunye phakama, phakamisa isandla sakho nje onamashumi amahlanu-nanye, ikhadi lomkhuleko. Khona lapho, amashumi amahlanu-nanye, ikhadi lomkhuleko na? Ngabe amashumi amahlanu-nambili lilapha na? Kulungile. Amashumi amahlanu-nantathu lilapha na? Manje, leyo—leyo yindlela oza ngayo. Manje, yileyondlela nje uku—ukubakhipha. Manje, benginga . . .

104 Uma ufuna, besingakhuphulela labobantu phezulu lapha, futhi uNkulunkulu ubeyosho nje impela ukuthi yini ebingalungile ngabo, noma bengingabiza oyedwa ezethamelini, noma omunye umuntu ongenalo ikhadi lomkhuleko, ugcobo lulapha, ugcobo lukaMoya oNgcwele lulapha lukhona manje ukuphulukisa.

Manje, bangaki . . .? Manje, biza . . . Ake sibone, bangaki abafanele . . .? Ngani, besingabiza lonke iqembu ngesikhathi esisodwa.

105 Nonke yibani nokukholwa. Manje khumbulani, nina enizayo, fikani khona lapha, futhi lapho wedlula lapha, kholwa ukuthi uzophulukiswa. Nani nonke, hlalani phansi kancane nje. Futhi inenekazi o—ohlakeni lombhede, unalo ikhadi lomkhuleko, nawe, dadewethu, unalo na? Hhe?

106 Umzuzwana nje, indodana yami isanda kungitshela nje . . . Manje, bona nemibhede eyizinhlaka nezihlalo ezinamasondo nezinto ezizobizwa emgqeni womkhuleko, uma nizoshaya umugqa khona phansi lapha lapho ngi . . . sibiza inombolo yakho, ngizokwehla ngikukhulekele, ngeke badingeke ngisho ukuba bakulethe emsamo uma ungafuni ukuza, noma uma befuna ukukuphakamisa . . .

Ngibona inenekazi elincane lapha line—i . . . Kubukeka sengathi lihlezi esihlalweni.

107 Manje amashumi amahlanu-nantathu, amashumi amahlanu-nane, amashumi amahlanu-nanhlanu, amashumi amahlanu-nesithupha, amashumi amahlanu-nesikhombisa, amashumi amahlanu-nesishiyagalombili, amashumi amahlanu-nesishiyagalolunye, amashumi ayisithupha. Shayani umugqa phezulu ngapha, khona impela ngo—ngohlelo lwezinombolo ngendlela nje eniyiyo. Kulungile. Kulungile, amashumi ayisithupha. Ngabe lokho sekuthi akube . . .?

108 Kulungile, umzuzwana nje, ngikholwa ukuthi kukhona okungalungile ndawondawo. O, omunye ukuthola i. . . Intombazane encane, ngabe i. . .? Lindani umzuzwana nje. Ufuna umuntu ozoyithwala lapho na? Ake nje into encane ihlale lapho. Unalo ikhadi lomkhuleko, s'thandwa na? Unelungelo lokukhulekelwa. Umzuzwana nje, iyeke ihlale lapho kulesosihlalo.

109 Ucabangani ngalokhu, s'thandwa na? Uyakholwa ukuthi leli yiqiniso na? Ucabanga ukuthi lowomuzwa oxakile oza phezu kwakho manje uyini na? Lowo nguMoya oNgcwele, akunjalo na? Uyakukholwa lokho, uyakukholwa yini, s'thandwa na? Uyakholwa ukuthi uMfowethu Branham akushilo kuyiqiniso, ukuthi iNgelosi kaNkulunkulu ingithumile ukuba ngazi lezizinto na? Uyakukholwa lokho na? Ngiyabona u— ukhubazekile noma okuthize, ngikholwa ukuthi unesitho esisodwa esinqunyiwe. Ngabe kunjalo na? Ngabe kunjalo na? Yebo, lokho yi. . .Angikwazi, ngiyakwazi, s'thandwa na?

110 Umfowethu uhambe wangena lapho, futhi niyabo, kuqubukile, uhlobo lwe, umbono. Manje umzuzu nje, manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba futhi umzuzwana nje.

111 Manje buka ngapha futhi, s'thandwa, ngifuna nje ukuxhumana. Niyabo, kunabantu abaningi phandle lapho abazama ukukholwa, futhi lokho yi. . .Manje, yebo, e-hhe. Une. . .une. . .Umdlavuza wakwenza lokho, awukwenzanga yini, s'thandwa na? Thatha. . .futhi unqume umlenze wakho. Usesemgudwini wakho, usalokhu uqhubeka. Akunjalo na? Ngizokukhulekela khona manje, s'thandwa.

112 Baba wethu waseZulwini, leyontombazanyana bandla ehlezi lapho, ngikholwa ukuthi Uzoyivumela iphile, Nkulunkulu oThandekayo. Yiba nomusa phezu komntwana, ethandekayo, into encane. Muphe ukuphulukiswa kwakhe khona manje. Ngikhuleka lesisibusiso, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

113 UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Uyakholwa ukuthi uzophila manje na? Uyakholwa na? Uyakwemukela manje na? UNkulunkulu akubusise, lokho kuhle. Unjalo. Kunjalo, Uhlangane nawe.

[UMfowethu Billy Paul Branham uthi, "Baba?"—Umhl.]

(A-hha?)

["Bonke labobantu phandle lapho, futhi kukhona kuphela cishe abangamashumi amabili abo abezayo. Bonke, u-U, amashumi amahlanu-nanye kuya ekhulwini, bonke."]

(Uthini?)

["Ngifuna u-U, amashumi amahlanu-nanye kuya ekhulwini, futhi kukhona cishe amashumi amabili kuphela lapho."]

(O. O, kulungile.)

114 Amashumi amahlanu-nanye kuya ekhulwini, shayani umugqa, kusukela emashumini amahlanu-nanye kuya ekhulwini, shayani umugqa ngaleyo ndlela. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngakho konke ongakwenza, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

115 Bekuyini, mnumzane na? [Umfowethu uphawula ekhadini lentombazane encane—Umhl.] O, yebo. Lokho akuphulukisi, khona nje ku. . .Kodwa ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyo yami. . .Angikwazanga ukubona, abantu ubenyakaza kanjalo. Ngizosondela kakhulu entombazaneni ngaphambi. . . Ngikholwa ukuthi ngi. . .Ini. . .? Uma bephulukiswa, ngibona ukuKhanya okumhlophe. Lokho kuKhanya okufanayo kuyahambahamba futhi nje kuyabusisa, Kufana nesibusiso, ngiyaKubona. Futhi ngikholwa ukuthi intombazanyana izoba kahle. Ngikholwa ukuthi ikahle, dadewethu. Niyabo? Ngikholwa ukuthi awunalutho ongakhathazeka ngalo, s'thandwa, uzosinda.

116 Kulungile. Manje, wonke umuntu. . .Manje, bathi ukuthi, mhlawumbe okuncane. . .Manje, abangenisi bazobona ukuthi beza ngohlobo lohlelo lwezibalo, ngoba angazi nje ukuthi lezizinto zizoba kanjani. Ngifanele nje ngi—ngi. . .njengoba iNkosi iqhubeka.

117 Manje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba manje. Manje, bangaki emuva lapho emgqeni womkhuleko, manje, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi—ukuthi u—ukuthi uzosinda na? Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuthi uzosinda. Manje ngabe uzinikela eNkosini uJesu, futhi uthi, "Manje ngiyaKwemukela, Baba wami waseZulwini, njengoMphulukisi wami. Futhi ngomusa waKho kulobubusuku, akunandaba ukuthi kwenzekani, ngiza ngiza ngalowomugqa womkhuleko, ngemukela izibusiso zaKho. Futhi ngikholwa ukuthi lapho izandla zibekwa phezu kwami ukuthi ngizosinda. Angisophinde ngibe nobufakazi obuphikisayo nhlobo, ngizoyikholwa iNkosi"? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakukholwa lokho, futhi manje ngiyakuvuma lokho"? UNkulunkulu akubusise.

118 Manje, omunye washo ngesinye isikhathi kimi, hhayi kimi, kodwa komunye umfowethu, u—umfundisi wamhlasela, wathi, "O, lokho kuyihlazo! Utshela abantu ukuthi bahambe bakholwe ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini."

119 Uzophulukiswa kanjani ngaphandle uma kungokukholwa na? U-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu ukuthi Wayezomvumela abe nomntwana ngoSara, futhi akuzange kwenzeke iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, futhi wakhula waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi ekholwa ukuthi kwakuzokwenzeka. Futhi singabantwana baka-Abrahama. Ngabe kunjalo na?

120 Kulungile. Manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngakho konke. Manje, mhlawumbe ukuthi uMoya oNgcwele . . . Umzuzwana nje. Manje, mhlawumbe Uzonikeza nje o—okuncane kokubona okufihlakele ngize ngikwazi ukungena ngaphansi kogcobo olujulile, umzuzwana nje, bese—bese kuthi-ke . . . ukuze abantu bedlule. Futhi ngiyakholwa uma bezodlula futhi bakholwe nje, njengokungena echibini lamanzi, iNgelosi yeNkosi ilapha emsamo, futhi Izokwenza.

Manje asikhuleke.

121 Baba, Wazi zonke izinto, angazi lutho. Kodwa si—sikhulekela ukuthi Uzoza manje ngokuvakashela okukhulu futhi ubusise abantu baKho, futhi ukhuluma kubo, Nkosi, manje nje, futhi ubaphulukise. Futhi kwangathi Unganikeza ukubonakaliswa ukuthi Ulapha, futhi ba . . . ukanye nenceku yaKho. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi ngamunye angaphulukiswa. EGameni likaJesu Kristu. Amen. Amen.

Kulungile, yibani semkhulekweni manje. Futhi uma uzo . . .

122 Manje, letha i, isiguli sakho. Manje umzuzwana nje. Manje, angazi nje ngempela ukuthi yini. Sawubona, nenekazi? Bengithi ukuphakamisa lokhu ukuze iziguli zidlule, uyazi, ngani, beziyo—beziyokwazi uku—ukuzwa, ngiqonde abantu phandle lapho bebeyozwa iziguli, niyabo, yilokho engikuqondile. Futhi unakho, uzela ukuzokhulekelwa khona. Futhi wena, mhlampe, ufuna ukwazi okuthize okuncane ngawe, ngenxa yokuthi ngi—ngi—ngizwa ukuthi lapho, kuyinto ofisa ukuyazi, izimo zakho—zakho.

123 Unokwethuka, awunjalo na? Ukwethuka kakhulu. Awukaze ulahlekelwe isisindo kancanyana impela, futhi na? Ngibona inenekazi limi phambi kwami elisinda kakhulu kunawe. Futhi, awusho, awusuye umfundisi, noma into efana naleyo weZwi na? Awufundisi, noma into ethize lapho efana nayo na? Yebo, yilokho ebengicabanga ukuthi ubuyikho. E-hhe. Uyakholwa manje na? Nonke niboshelwe ngqi ngaso sonke isikhathi. Okuyikho, ngukuthi uzifake wena uqobo ebunzimeni; usudlule ebunzimeni obuncanyana impela, empeleni. Waqala ukukhathazeka esikhathini esingeside esedlule, futhi kubukeke sengathi kukhona okwenzekile kuwe ukuthi ufanele u, nje konke kuboshiwe ngqi. Manje, lokho akulutho kodwa udeveli ezama ukukuvimbela, manje, nguSathane ezama ukukuqalekisa futhi aphonse lokho phambi kwakho. Futhi njengoba . . . Awufanele ukwemukele, ufanele ukulahle phansi futhi—futhi ukholwe manje. Ngabe yiqiniso lelo na? Awu, woza lapha umzuzwana nje.

124 O Baba, ngiyaKubonga ngesihe saKho nomusa, futhi ngikhuleka kuWe ukuba uphulukise udadewethu othandekayo khona manje.

125 Wena demoni, shiya owesifazane, phuma kuye, eGameni likaJesu Kristu, mshiye!

126 Manje buka lapha, dadewethu, uyakwemukela manje na? Kulungile. Hamba uthokoza futhi ujabule, futhi ungene emsebenzini weNkosi.

127 Ake sithi, “Mayibongwe iNkosi,” manje. Inenekazi—inenekazi lizophila, lizophila.

128 Manje umzuzwana nje. Manje, omi lapha eceleni kwami kumi omunye umuntu. Manje wonke umuntu nje . . .

129 Woza lapha, mnumzane. [Umfowethu uthi, “Mnumzane, yini engalungile ngami na?”—Umhl.] Mnumzane? [“Mnumzane, yini engalungile ngami na?”] Awu manje, uma nje uzobuka ngapha futhi ungikholwe njengenceku kaNkulunkulu . . . Manje, si—siyizihambi kuloluhambo lwempilo, A—angikwazi, mfowethu, akungaphezu nje kokuba umi lapho. Futhi ngiyabona ukuthi ngenkathi wenyuka, kukhona umoya wokwemukela. Futhi uyagula, nawe. Kunjalo. Futhi u—unenkathazo yesisu, akunjalo na? Yebo, mnumzane, kunjalo, uyagula. Ngibona ukudla kufika phambi kwakho bese-ke kuhamba, ngakho ngiyazi. Awusho, awusuye umfundisi, nawe na? Ungumfundisi weVangeli, futhi. Akunjalo na? Yebo, mnumzane. Futhi—futhi u—uyikholwa, awusilo, mfowethu na? Futhi ufuna ukuphulukiswa, awufuni na? Woza lapha umzuzu nje manje, mfowethu.

130 Baba wethu waseZulwini, ngibamba izandla zami phezu kwenceku yaKho kulobubusuku, Nkosi. NeBhayibheli lishilo ukuthi uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bayakusinda.

131 Sathane, khulula lendoda, uzama ukuyibopha, eGameni likaJesu Kristu, shiya indoda!

132 Manje, mfowethu, okubangele inkathazo yakho yesisu kube yinto efanayo njengenenekazi elisanda kwedlula nje, yisimo sokwethuka. Kade unokwethuka isikhashana impela, futhi kamuva bekukubi kakhulu kunanininini. Akunjalo na? Yebo mnumzane. Futhi khona-ke ube nenqwaba yenkathazo ebangele lokhu, nokunye nokunye. Manje, qhubeka ngqo . . . Ngikutshele iqiniso. Ngabe kunjalo na? Ungumfundisi. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Lelo—lelo yiqiniso. Kulungile. Manje wena . . . Ayikho indlela kimi yokwazi lokho, kuphela ngoJesu Kristu. Ngabe kunjalo na? Uyezwa, manje, ngokuba u—umfundisi weVangeli lapho, uzwa ukuthi kukhona into exakile khona lapha, noma, umuzwa wo—wothando, futhi . . . Ngabe kunjalo na? Manje, ukuze abantu bezobona ukuthi lokho kuqinisile, phakamisa isandla sakho. Ya.

133 Manje, leyo yiNgelosi yeNkosi ukuthi lomfundisi ungufakazi, lokho Akukhuluma kuye. Manje, yini okunye lokhu, uMoya weNkosi na? UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi angazi lutho ngomuntu kungengaphezu . . . Kodwa ngimi lapha emsamo khona manje, lapho enyuka, ngizwe umoya wokwamukela. Ngathi, “Uyikholwa elingumKristu.” Manje,

lowo nguMoya ofanayo owasho ngeNkosi yethu kuNathanayeli, “Bheka umIsrayeli uqobo, ikholwa, umIsrayeli kuye . . . ”

Futhi wathi, “Ungazelaphi na?”

134 Futhi lapha, ngimbonile, inkathazo yakhe, izinto zakhe nesimo sakhe sesisu, kanjalonjalo, okwakulungile, uzwa ubufakazi bukaMoya. Ngabe lowo nguMoya ofanayo iNkosi uJesu Kristu eyasethembisa ukuthi uyoba lapha ngezinsuku zokugcina na?

135 UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Hamba futhi uzoba yindoda esindile. Futhi uNkulunkulu akubusise, futhi ube . . .

Ake sithi, “Mayibongwe iNkosi,” wonke umuntu, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu ulapha ukuzosindisa bonke labo abakholwayo.

136 Kulungile, woza manje, dade. Ubungathini ukuba bengikutshele ukuthi uphulukisiwe uhlezi lapho esihlalweni na? Unjalo, dadewethu. Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze futhi uphulukiswe. Amen.

137 Manje, ukuze izethameli ziqonde, abanye babantu . . . Ngifuna abanye benu abangenawo amakhadi omkhuleko phandle lapho ukuba babuke ngapha, ngifuna nikholwe.

138 Udade omncane osanda kudlula lapho futhi ubephethwe yilesosifo sikashukela nezinto, uzoba kahle manje, ukuphaphatheka kwegazi.

139 Manje, yibani nokukholwa nje. Manje lindani, inenekazi lingibuka lapha ohlakeni lombhede. Manje, nenekazi, ngifuna ukuxhumana nawe ngokukhuluma nawe nje. Awunakhadi lomkhuleko, futhi uyisihambi, futhi angikwazi, kodwa uphethwe yisifo samathambo. Akunjalo na? Kukukhubazile, futhi. Akunjalo na? Futhi manje, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi lapho izimangaliso zikaNkulunkulu, noma, izinto ziqala ukwenzeka emsamo, ukuba bengisendaweni yakho, ngikholwa ukuthi bengiyothi, “Jesu Kristu, ngiyaKwemukela manje.” Kunendoda elapha idonsa ngqo ngapesheya kwenenekazi elihlezi lapha esihlalweni esinamasondo ukuthi angiboni ukuthi kwenzekani. Kodwa ngi— ngiyakholwa uma nje uMemukela ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu ubeyokuqaqa, futhi ubungasukuma futhi uphume esakhiweni futhi ube ngumuntu ophilile. Manje cabanga ngalokho. Uzama ukuba nokukholwa, awunjalo na? Uzama ukuba nakho. Unesifiso enhliziyweni yakho, futhi, awunaso na? Ngibona ukuhamba eduze noNkulunkulu, ukuhamba usondele kakhulu kukho, ngakuYe, ngiyakubona lokho ngaphezu kwakho, isithunzi singathi sidonsa sizungeza ngaphezu kwakho.

140 Omunye umuntu usanda kwenza i . . . Umzuzwana nje manje, uMoya kaNkulunkulu uyahamba. Ngikholwa ukuthi yinenekazi elihlezi khona, noma, indoda, nayo, khona lapha nje,

qhabo, ngikholwa ukuthi yinenekazi emuva lapho kulesosihlalo. Kukhona okungalungile, igazi, akunjalo, dadewethu na? Awunakho ukuphaphatheka kwegazi noma okunye-...Ya, khona lapho. Akunjalo lokho na? Yima ngezinyawo zakho. UJesu Kristu uyakusindisa. Lokho...Amen. Inenekazi kunjalo... Yebo.

141 Kukhona omunye emva kwalo ngqo, futhi. Kunjalo. Sukuma, nenekazi. Kunjalo. Uzokwedlula kulokho.

142 Manje awume kancane, inenekazi, umngane wakho ohlezi lapho ngakuwe, udaba lomdlavuza, kulungile, sukuma, dade. INkosi uJesu izokusindisa kulowomdlavuza uma nje ukholwa. Amen.

Manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngakho konke ongaba yikho manje. Kulungile, mfanyana, letha inenekazi.

143 Ngabe uyikholwa, dadewethu na? Uyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha manje na? Uyakholwa ukuthi lokhu okuzwayo nguYe na? Ngi—ngiyakubusisa, dadewethu, ngokuphulukiswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu. Hamba uphile. UNkulunkulu akubusise.

Yibani nokukholwa manje, nonke kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu.

144 Manje, dadewethu omncane, uzizwa unjani ngakho kulentambama na? Ngabe uyikholwa na? Uyakholwa ukuthi—ukuthi uNkulunkulu ungithumile ukuba ngikwenzele lokhu na? U—ukukholwa ngeqiniso ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakukholwa. Ubuyocabangani uma bengingakwazi, ngingazi lutho ngawe, ngikutshele ukuthi yini engalungile kuwe na? Kuyoba yisimangaliso, bekungeke na? Manje buka, ukuze uzokwazi lokhu ukuba uqiniseke, ube ngalendlela isikhashana impela, awunjalo na? Kunjalo, kusukela umncane. Futhi kusobala manje, amehlo akho lingukungami kahle kweso, okubangela lokho, amehlo akho awasikho ukubona kahle kakhulu. Leyo yinto eyodwa engalungile kuwe, lokho akusikho konke. Khona-ke wena, futhi...Ngiyabona ukuthi—ukuthi awukaze uzenelise ngendlela ozame ngayo ukukhonza uNkulunkulu, ubulokhu ufuna ukuhamba okujulile noNkulunkulu, ngoba ngibona isithunzi silandela indlela yakho yezinyawo. Uphethwe yinkathazo yenhliziyo, futhi, (Akunjalo na?), ekukhathazayo. Akunjalo na? Manje, ukuba-ke...? Ngabe yiqiniso lelo na? Ngabe nginitshele iqiniso na?

145 Manje, uzolemukela izwi lami njengenceku kaNkulunkulu na? Uma lokho...Uma ngazi ukuthi bekuyini empilweni yakho, ngiyazi ukuthi kuzoba yini empilweni yakho na? Uzosho yini manje phambi kukaNkulunkulu ukuthi uMthatha abe nguMphulukisi wakho, futhi uzohambisana uphakamise ikhanda lakho, futhi uthokoze, futhi udumise uNkulunkulu,

futhi uphile ngokusondele kakhulu kuYe ngangongakwenza, futhi ube ngowesifazane ophilile na? Ungathanda ukwenza lokho na? Woza ngaphambili.

146 Baba wethu waseZulwini, ngiyalibusisa lelinenekazi eliselincane, susa zonke izinto. Licindezela kanzima, Nkosi, ngakulowomgomo lapho, lizama ukufika lapho. USathane uzimisele ukulithumela ethuneni ngaphambi kwesikhathi, kodwa Ulapha ukuba uliphulukise. Ngiyalibusisa, Nkosi, ukuthi lenkathazo yenhliziyo izolishiya, futhi lizoba ngo—ngowesifazane ophilile. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

147 Manje, kukholwe. Kulungile. Ungahle ngisho ukhumule izibuko zakho, dade, futhi usuke emsamo futhi uphile. Busiswa.

Ake sithi, "Mayibongwe iNkosi," wonke umuntu.

148 Kulungile. Manje, ngukuzwa kwakhe. Ngiyakubona lokho manje, kokwakho. . . Amehlo akho mabi kakhulu, uyaphuphutheka. Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Ngenhliziyo yakho yonke na?

149 Niyabo, omunye emi lapho, ungidididile ngaleyonkathi. Kwenzekile ngakubamba ngaphambi nje kokuba kungene lapho. Ngiyabona ukuthi yini . . .

150 Manje, uyaphuphutheka. Futhi uJesu Kristu ulapha ukukunika ukubona kwakho, mama. Uyakukholwa lokho na? Ngenhliziyo yakho yonke na? Manje, mama, ungahle ube mdala kancane, kodwa uNkulunkulu uyakuthanda. Lapho ngibamba isandla sakho, ngicabanga ngomama wami uqobo othandekayo ekhaya kulobubusuku uyangikhulekela; uyakwenza njalo ebusuku. Futhi esinye sezibusiso zoSuku lukaMama olukhulu kunazo zonke obungasemukela khona manje, ngaphandle kwensindiso yakho—yakho, onayo, ukuthi ubuyoba yikho, ukuba ukwazi ukubona kahle futhi uhamba-hambe futhi. Bekungeke yini kumangalise lokho na? Manje, mama othandekayo, ngi—ngiyazi ukuthi ngolunye lwalezizinsuku ukuthi wena nami sizoma phambi kweNkosi yethu uJesu. Manje, ngizoMcela ukuba akuphulukise, futhi uyakholwa ukuthi engikushilo ngaYe kuyiqiniso. Futhi ngifuna ukhothamise ikhanda lakho manje.

151 Baba wami, njengoba umama othandekayo encikisa ikhanda lakhe ehlombe lami, ekhala izinyembezi, eyimpumputhe, uSathane wenze lobububi kuye, imithambo yadedela emehlweni akhe, futhi usephuphuthekile. Kodwa Wena ulapha ukubuyisela ukubona kwakhe, Baba. Umi ngokuzithoba kakhulu nangokuzithoba kulobubusuku, ngicabanga ngoSara wasendulo, ngicabanga ngoBartimewu oyimpumputhe esangweni, umuntu Owaphimisela phezu kobumba futhi wagcoba amehlo akhe. Futhi manje, Baba, ukuba Ubulapha kulobubusuku emzimbeni wenyama uhlezi phakathi kwethu, ubeyogijima, ancikise ikhanda lakhe phezu kwehlombe laKho,

Ubuyombusisa, Baba othandekayo. Futhi ngiyazi okwami... Ngiyisibambiso esimpofu kakhulu, kodwa, Nkulunkulu oThandekayo, uma Ububheke ukulunga, bekuyotholakalaphi na? Ngakho Baba, ngiyambusisa, ukuthi Uzophinde umnike ukubona kwakhe. EGameni leNdodana yaKho uJesu, kwangathi lomoya wobumpumputhe ungamshiya lomama osekhulile, futhi kwangathi angakwazi ukubona manje. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

152 Manje, mama, ngifuna ubuke lapha kimi. Uyangibona mina na? Ungibona kahle na? Ngifuna ubeke umunwe wakho ekhaleni lami, ukuze nje uzokwazi ukuthi ngi... Uyayibona iminwe yami na? [Udade uthi, "Ngingabona kancane, empeleni."—Umhl.] Kulungile, ungayibona iminwe yami manje na? ["O, yebo."] Ungayibona na? Mingaki engiyiphakamisile na? ["Uwodwa."] Awu, mingaki manje na? ["Mibili."] Nakho-ke, mama, usunakho ukubona kwakho.

153 Kwenzekeni, Sathane, umoya wobumpumputhe...Manje, iBhayibheli lathi, "Lapho umoya wobuthulu nobomungulu..." Manje, udokotela ubeyothi beku—bekuyizigubhu zezindlebe zakho efile, noma amehlo akho afile, imithambo, uyazi. Kodwa lalelani, okuyikho, into kuphela ayishoyo, umthambo uye wafa. Kodwa yini ewenze wafa na? Bekukhona into ethize ewubambayo ngokungaphezu kwemvelo, awufanga emzimbeni wakho wonke, uvele wafa lapho nje. Kulungile. Manje, ukuba benginebhande elingenambala esandleni sami, ngilibambe *kanjalo*, lavale ukujikeleza. Niyabo? Awu khona-ke, wonke umuthi wokugcoba ebengingawubeka eminweni ubungeke usize, into okufanele yenziwe ngukudedela lokhu ukuze imvelo ingageleza futhi. Ngabe kunjalo na? Awu, amandla oku—okubona, umthambo wamehlo, ubungagobhozi esweni lakho ngoba isidalwa esingaphezu kwemvelo, idemoni, umoya wobumpumputhe ububambe umthambo wakho futhi ukubambile. Niyabo? Manje sesihambile, yingalesosizathu ungabona kangcono.

154 Uzoba kahle. Ungabona kahle manje, kulungile na? Niyabo...? Uthi ubona kahle manje. UNkulunkulu akubusise, mama wami. Zisukele wena emsamo, uthokoza futhi udumisa uNkulunkulu. Ake sithi, "Makabongwe uNkulunkulu."

155 Sawubona, dadewethu? Woza ngaphambili. Ufuna ukuphulukiswa emehlweni akho, futhi, awunjalo yini. Uyamkholwa uNkulunkulu na? Uma Ubengenza lowo wesifazane obecishe impela abe yimpumputhe ngokuphelele, nalowo izolo ebusuku eyimpumputhe ngokuphelele, Angakunika ukubona kwakho, dade na? Manje, engifuna ukwenze ngukukholwa ukuthi Lokhu okuseduze manje kuzokubusisa. Manje, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uzokwenza, Uzogobhoza ehlele kuwe ngqo futhi akuphulukise, futhi akubusise, futhi asuse

lokho kuwe. Amehlo akho a—aba mabi, aya ngokuba mabi njalo njalo. Akunjalo lokho na? Into efanayo, ngamandla kadeveli, dadewethu, avalayo . . . Odokotela ngeke besenza luho ngakho, ngoba, niyabo, seku—sekuphelile, useze washo njalo. Manje, lapho lokho . . . Kuvala ngqi umthambo nje lapho, umthambo wamehlo, amandla angeke esageleza kuwo.

156 Manje, umthambo awuvaliwe esandleni sakho, noma—noma akukho kwenye indawo, kusesweni lakho; uma bekusezindlebeni zakho, khona-ke ubungeke uzwe. Manje, udokotela ubeyothi umthambo ufile, isizathu usebenza nje emizweni emihlanu. Kodwa uJesu wathi, "Ngenkathi umoya wobuthulu uphuma kumuntu," umoya wobuthulu. "Ngenkathi umoya wobumpumputhe uphuma kumuntu." Niyabo? U . . . Ngumoya, ongaphezu kwemvelo.

157 Manje, uyakholwa ukuthi phezu kwegunya leZwi likaNkulunkulu ukuthi ngithunyelwe lapha ukunikhulekela umkhuleko wokukholwa ozolahla lowomoya usuke kuwe, futhi uzosinda na? Woza ngaphambili, dadewethu.

158 O Nkulunkulu, cabanga, ikheyini emhlophe esandleni sakhe esitaladini. Leli yihora. O Nkulunkulu, ngibona umbono lapho ukuthi babemenqabile futhi akukho okungenziwa, kodwa Wena ungamphulukisa.

159 Sathane, shiya owesifazane, wena moya wobumpuphuthe, phuma kuye, eGameni likaJesu Kristu! Amen.

160 Uyakholwa manje na? Ngani, susa izibuko zakho bese uqhubeka. A-hha.

Nango ehamba ngaphandle kwezibuko zakhe. Futhi ube . . . Kulungile. Wonke umuntu woza ngaphambili manje; wonke umuntu kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

161 Sawubona, dadewethu? Ngiyabona ufake izibuko, futhi. Yebo, mem. Manje, sizo . . . Manje, ngifuna u—ungibuke. Manje, siyizihambi, asinjalo, dadewethu na? Angizami . . . kwenele nje ngize ngibone ukuthi yini engalungile ngawe, sizobe-ke sesiqhubeka ngqo. Manje, ngifuna uku—uku—ukukhuluma nani okwenele nje ukuxhumana. Qhabo, kodwa akusiwo amehlo akho owakhathalele. Unesifo samathambo, awunaso na? Akunjalo na? Kulungile. Ngifuna uze lapha umzuzwana nje.

162 Baba wethu waseZulwini, uSathane ubophe udadewethu, kodwa Wena ulapha ukuba umkhulule.

163 Mdedele, Sathane, eGameni likaJesu Kristu, phuma kowesifazane!

164 Manje, uzongilalela njengenceku kaNkulunkulu na? Phakamisa izandla zakho, eGameni leNkosi uJesu, gxoba izinyawo zakho phansi naphezulu *kanje*. Isifo samathambo asisekho, u . . . Amen. Manje, lapha . . . ? . . .

165 Akasagongobele ngesifo samathambo, uNkulunkulu umphulukisile kuso. Akusikho lokho kuphela, kodwa amehlo akhe nawo liphulukisiwe, obekungukungemi kahle kweso, sekuhambile, izilazi zamehlo emva kweso. Manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba futhi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uzokufeza.

166 Kulungile, letha inenekazi manje. Kulungile. Sawubona, dadewethu? Ngi—ngiyabona ufunda i—iphepha lapha, kade, lobufakazi bendoda kakhongolose phakathi lapho. Lokho bekumangalisa, bekungenjalo, mama na? Kuhle kakhulu. Yebo, mem. Unezinto eziningana ezingalungile kuwe. Akunjalo lokho na? Inkathazo yezinso kade ikuhlupha isikhathi, uhlelo oludala lwabesifazane nezinto. Bese kuthi-ke unesifo samathambo, futhi, awunaso, dadewethu na? Ngiyakubona uzama ukuphuma embhedeni ekuseni, uyaqina ebusuku. Akunjalo na? Kunjalo. Phakamisa izandla zakho. UJesu Kristu uyakusindisa khona manje, dade. Ya. Misa izinyawo zakho phansi naphezulu *kanje*. Uzigxobe . . . Ungesabi. Nyakazisa izinyawo zakho phansi naphezulu *kanjalo*. Ungemukela okwakho . . . Kunjalo, mama. Suka emsamo uthi, “NgiyaKubonga, Jesu Othandekayo,” sekuphelile.

Ake sithi, “Makabongwe uNkulunkulu.” Udadewethu usephulukisiwe. Kunjalo. Manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba njengoba uza.

(Kulungile, umzuzwana nje. Ake ngibe nalona futhi, uma nithanda, phansi kokubona okufihlakele.)

167 Yilokho obufuna ngikusho, empeleni. Ubuzibuza. Manje, ningabi novalo, niyabo; kade unokwethuka isikhathi esithile. Manje, lokhu okuzwayo manje, dadewethu, Akulutho ukukulimaza, Kuyinto ethize yokukusiza. Uyabo? Kuyinto ethize ezokusiza, YiNgelosi kaNkulunkulu. Yethusa umphefumulo wakho—wakho, kusobala.

168 Manje, unokwethuka ngokwedlulele, awunjalo na? Ubunakho lokho selokhu uphume ekunqamukeni ukuya esikhathini manje; kade ukukho isikhathi esithile. Akunjalo na? Kunjalo impela. Uthola imizwa ekhandlekile ngempela iza phezu kwakho. Akusilo iqiniso lelo na? Futhi enye into, ngabe unesifo sikashukela, futhi, egazini lakho na? Ngabe yiqiniso lelo na? Kunjalo. Kulungile, inkathazo yezinso ebikuhlupha, ibuhlungu futhi ikhathele. Sekuleyithi kusihlwa, uhamba uyohlala phansi esihlalweni uku . . . Akunjalo lokho na? UNkulunkulu akubusise, mama. Suka emsamo futhi uphile, eGameni leNkosi uJesu.

169 Ake sithi, “Mayibongwe iNkosi.” Kulungile. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba. Manje umzuzu nje. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . njengaphezu kwalezizethameli manje,

kubukeka nje njengohlobo olubukeka njengobisi, uhlobo olufana nokubukeka okuwumthubi kulenga esakhiweni. Ngani, NguMoya oNgcwele. Futhi—futhi bangane, Uphezu kwenu nonke nje. Futhi ningaphulukiswa uma nje niWukholwa. Manje, uma ngingakwazi, uma uNkulunkulu engisiza, ngizozama ukukhulekela izethameli.

170 Futhi ngiyabona sinabanye abantu ezansi lapha ezihlalweni ezinamasondo, ngizokwehla futhi nginikhulekele. (Manje, ungangivumeli ngibe buthakathaka kakhulu ngaphambi kokuba ngifike kulabobantu ezihlalweni.)

171 Manje, manje, dade, uselapho ohlakeni lombhede, zama . . . Ngizama ukukubona, uma kungenzeka ngikwazi. Angazi ukuthi kwenzekeni, kukhona okubili . . . phakathi kwalapha, niyabo, kungivalile. Manje, zama ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

172 Nawe lapho nezinduku zokuqhugela, mfowethu, esihlalweni, yiba nokukholwa manje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

173 Manje, ngane wonke umuntu angangisiza ngikhulekele lababantu sisakhuleka na?

174 Baba, busisa udadewethu othandekayo kulobubusuku, futhi kwangathi angaphulukiswa manje, futhi asuke kulesisakhiwo esindile. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

175 Suka lapha. Yenyuka, olandelayo. Sawubona, dadewethu omncane? O, he, ngi . . . Yini . . . Uyazi ukuthi yini eyakho . . .? Ufuna ngikutshele inkathazo yakho na? Ngukugoba komgogodla. Akunjalo na? Kulungile.

176 Nkulunkulu, busisa lentombazanyana empofu, futhi kwangathi ingasinda, eGameni likaJesu Kristu.

O! Nkulunkulu, busisa lentombazanyana, Baba. Ngikhulekela ukuthi Uzoyiphulukisa futhi uyisindise. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Uyakholwa ukuthi izophila na?

Woza, dade.

Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa udadewethu, futhi umsindise. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dade.

Kulungile. Woza, nenekazi.

Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa udadewethu futhi umsindise njengoba ngimbusisa. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

177 Sawubona, dadewethu? Yebo. U—unokukholwa, awunakho na? Uyakholwa ukuthi isifo samathambo sikushiyile, dadewethu, vele.

178 Kulungile. Wena ngokufanayo, dade. Hamba, ukholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho futhi ukwemukele, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

179 Wonke umuntu kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Kulungile.

Uyakholwa ukuthi kuzomshiya uma ngicela na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfo omncane angaphulukiswa, nomama, futhi.

Hamba manje, uzosinda, inkathazo izomshiya, uzoba kahle.

EGameni leNkosi Yethu uJesu Kristu, ngicela ukuphulukiswa kukadadewethu, eGameni likaJesu.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu othandekayo.

Uyakholwa, dadewethu, ngayo yonke inhliziyo yakho na?

EGameni lika, Jesu Kristu, ngimcelela ukuba aphulukiswe.

180 Manje, lokho . . . Woza, dade. UyaMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kulungile. Uma ukholwa, uNkulunkulu uzokuvumela wedlule enkathazweni yenhliziyo.

181 EGameni likaJesu Kristu, ngicela ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

182 Uyakholwa, mfowethu na?

183 O Nkulunkulu, ngiyambusisa umfowethu ngokuphulukiswa komzimba wakhe. EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

184 Uyakholwa manje, mfowethu, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Kukhona okwenzekile. Ngifanele ngikutshele lokhu, niyabo, ngoba u—ungeke wedlula kukho ngaphandle—ngaphandle uma ngikutshela. Futhi uma ngikutshela, uyangemukela njengomprofethi kaNkulunkulu na? Unento olenga kuyo, ongayiyeki (Akunjalo na?), umkhuba onawo ofanele uwuyeke. Impela. Hamba. UNkulunkulu akubusise.

Kulungile. Uzokholwa, dadewethu na?

EGameni likaJesu Kristu, ngiyakubusisa, dadewethu, ngokuphulukiswa kwakho.

Futhi hamba ukholwa manje, futhi uzoba nokuphulukiswa kwakho.

185 Kulungile. Uyakholwa, dadewethu na? Izinto eziningi kakhulu: ukukhandleka, ukunqamuka kokuya esikhathini kungakabi isikhathi, isifo samathambo, futhi nje, futhi . . . Akunjalo na? Kubi kakhulu. Hamba futhi uphulukiswe, dade, eGameni leNkosi yethu uJesu.

Kulungile. Woza, dadewethu othandekayo.

Baba waseZulwini, busisa udadewethu futhi umphulukise njengamanje. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela.

Kulungile. Uyakholwa, dadewethu na?

EGameni likaJesu Kristu, ngiyakubusisa ngokuphulukiswa kwakho.

Hamba, uthokoze manje, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.”

Kulungile. Uyakholwa manje, dadewethu na?

EGameni likaJesu Kristu, ngiMcela ukuba akuphulukise njengamanje, futhi uphiliswe.

Hamba uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

186 Manje, zethameli, e, bantu, ni—hambani niyobonga uNkulunkulu masinya nje lapho senisuka lapha, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKubonga, Nkosi.” Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba.

Manje, uyakholwa, dadewethu na?

EGameni leNkosi uJesu, phulukisa udadewethu ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

187 Kulungile. Manje, dadewethu, ucabangani ngakho na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Umzuzwana nje, kuthi ukuba . . . kukhona ukukhuluma lapho, kuthi ukunginyakazisa kancane. Bheka ngapha umzuzwana nje. Ngibona into ethize exakile isebenza kuwe, ukuthi . . . Uyethuka kancane, awunjalo na? U . . . Awu, okuyikho, yisikhathi sokuphila okuso, unokuphazamiseka kwabesifazane. Ngakho, manje ngifuna uhambe futhi uphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kulungile. Kulungile. Uyakholwa, dadewethu na?

EGameni likaJesu Kristu, ngicela ukuphulukiswa kwakho. Siphe khona, Nkosi.

Manje hamba uthokoza, ujabule.

188 Kulungile. Uyakholwa, dadewethu na? Ungathanda ukudla njengoba wawuvame ukudla (Akunjalo na?) futhi ube nesisu esikahle futhi na? UNkulunkulu akubusise. Hamba futhi wenze njengoba nje ufuna ukwenza, amen, eGameni likaJesu Kristu.

189 Kulungile. Ufuna ukwedlula inkathazo yabesifazane, awufuni, dadewethu, futhi uphiliswe na? Qhubeka. UNkulunkulu akubusise. Amen.

Ake sithi, “Mayibongwe iNkosi.” (Angikwazi nje neze . . .)

190 Kulungile. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Hamba udle okufunayo manje, futhi ube nesibindi esihle, noNkulunkulu uzokubusisa futhi akusindise.

191 Kulungile. Woza manje. Kulungile, mfowethu. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uzosinda nokubona kwakho kuzoba kahle kuwe.

192 Nkulunkulu busisa umfowethu, eGameni likaJesu.

193 Kulungile. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Woza manje. Ufuna ukusinda, awunjalo, wedlule enkathazweni yakho yenhliziyo na?

194 EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa.

(Uthini ngakho manje na? Wonke umuntu. . . Uthini? Ufuna ngingene lapho na? Ngabe yibo bonke laba, noma usenabanye abambalwa abasele na?)

195 Manje, bafaka abantu ezihlalweni ezinamasondo, bazoshaya umugqa, futhi ngiyehla, ngizokhulekela bonke laba. Futhi qhubekani ngqo nidumisa. Ake sithole wonke lomugqa wedlule. . .?. . . Uzobaletha bonke badlule. Kulungile, letha inenekazi ngqo.

Woza, dadewethu othandekayo. Kulungile.

Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa udadewethu futhi umsindise eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Sekuyisikhathi esingakanani lokho kusesandleni sakho. . .?. . .

196 Woza, dade. Ungethande ukudla futhi ube ngojwayelekile njengoba wawuvamise ukuba njalo na? Bengiyokwazi kanjani ukuthi yilokho obekungalungile ngawe na? Kuphela ngoJesu Kristu. Ngabe kunjalo na? Manje hamba, ubusiswe nguNkulunkulu, futhi uzosinda, dade. UNkulunkulu akubusise, dadewethu othandekayo. Amen.

197 Kulungile, dadewethu. O, izinto eziningi ophethwe yizo, inkathazo yenhliziyo, futhi unesimo sokwethuka esibi.

198 O Nkulunkulu Othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uphulukise udadewethu futhi umsindise, eGameni likaJesu Kristu. Amen

Yebo, yingakho imizwa yakho. . .?. . .

199 Kulungile. O, he! Mfowethu othandekayo, ngiyabona usendukwini yokuqhugela. Ucabangani ngalokhu na? Uyakukholwa ukuthi kuyiqiniso na? Uyakholwa. Manje, a—angikwazi ukukuphulukisa, mfowethu, kodwa ngizokwazi ukwazi ukuthi yini engalungile kuwe, uma uzongikholwa njengomprofethi kaNkulunkulu. Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa na? Lokho okungukuthi manje uyezwa, noMoya ngokuthi, leyo yiNgelosi kaNkulunkulu.

200 Inkathazo yakho ayaziwa kumuntu. Uba buthakathaka ngempela nje, awunjalo na? Uba buthakathaka nje, ube buthakathaka kakhulu. Futhi uhamba kulokho cishe u—uphisi omncanyanyana wesikhathi, bese-ke uvele udele bese uhlala phansi. Ngabe kunjalo na? Kunjalo. Bengiyokwazi kanjani ukuthi ubuwenza kanjalo na? Kuphela ngombono yiyonandlela kuphela ebengiyokwazi ngayo, ngoba angikwazi. Ngabe kunjalo

na? Okuyikho, umgudu wakho wemizwa uyehluleka, mfowethu, emgogodleni wakho. Manje woza lapha umzuzwana nje.

201 O Nkulunkulu, busisa lendoda, inike amandla, Wena wathi, "Obuthakathaka makathi, 'Nginamandla.'" Siphe khona, Nkosi, njengoba ngimbusisa. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

202 Ngifuna uhambe usuke emsamo, uthathe induku yakho endala yokuqhugela bese uyiphosa phansi lapho bese uqhubekela ekhaya . . .?. . .

203 Kulungile. Woza, dadewethu futhi uphulukiswe manje, eGameni likaJesu Kristu, ngenkathazo yeso lakho. Amen. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

Kulungile. Uyakholwa, mfowethu na?

EGameni leNkosi yethu uJesu, phulukisa umfowethu. Amen.

Hamba ukholwa, mfowethu.

Uyakholwa, dadewethu na?

EGameni leNkosi uJesu, phulukisa udadewethu.

Uyakholwa, dadewethu na?

EGameni likaJesu Kristu, yemukela ukuphulukiswa kwakho. Amen.

EGameni likaJesu Kristu, yemukela ukuphulukiswa kwakho, dadewethu.

Hamba, uthokoza manje.

UyaMkholwa dadewethu na?

EGameni likaJesu Kristu, yemukela ukuphulukiswa kwakho. Amen.

204 Mayibongwe iNkosi! Kulungile, sonke asithi, "Mayibongwe iNkosi." Asiphakamise izandla zethu nje futhi siMdumise. Kulungile. Manje, kuneqembu labantu ezansi lapha ezihlalweni ezinamasondo esingakafiki kulo. Manje, ngifuna wonke umuntu akhuleke kanye nami. Manje, lababantu abanawo amakhadi omkhuleko, futhi ngiyehla nje ukubakhulekela, noma kanjani, ngoba ba—bahlezi lapha; abanye babo, ngicabanga ukuthi oyedwa noma ababili unamakhadi omkhuleko. Futhi ngifuna ukukhuleka kanye nabo, ngifuna abafowethu abangabefundisi ukuba bajoyine kanye nami.

205 Manje, ngizokwazi ukutshela ngamunye wabo ukuthi kwenzeka kanjani, nakho konke ngakho, kodwa ukukuphulukisa, angikwazi. Kodwa ngifuna ukukubuza okuthize. Uzoyemukela iNkosi yami uJesu njengoMphulukisi wakho uma ngiza ngikukhulekele na? Makuthi abanye babefundisi bashaye umugqa lapha kanye nabo, ukuze, futhi, ukuthi banga—bangaba phakathi kulokhu, bonke.

206 Ngifuna izethameli zihloniphe ngokuzithoba. UNkulunkulu angenza ezinye izimangaliso ezinamandla khona lapha. Manje,

abakhubazekile nabahluphekile nje, abakhubazekile ngempela futhi besontekile ngangokuthi abakwazi ukuphuma. Nje mabahlale phansi lapho. Manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba. Makuthi abanye babefundisi bame khona emuva lapha.

207 Bangane abangamaKristu, bangaki abazojoyina kanye nami emkhulekweni ngisesezansi lapha ngikhonzisa lababantu na? Uzokholwa kanye nami ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ungahlonipha ngokuzithoba futhi ugcine ikhanda lakho likhotheme futhi ube semkhulekweni na? Futhi sicela iNkosi yethu uJesu ukuba iphulukise laba abagulayo futhi. . . Ukubake lona bekungabantu bakho behlezi lapha, abanye babo bonke besontekile futhi—futhi bekhubazekile, nabanye bephuphutheke ngokuphelele, bephethe izinsimbi ezandleni zabo na? Ngikholwa ukuthi iNkosi yethu uJesu izobaphulukisa. Manje, wonke umuntu akahlale phansi, bonke ngaphandle kwabakhubazekile. Abakhubazekile nje lapha manje.

[UMfowethu Hall uyala ibandla—Umhl.]

208 Manje, kinina okhubazekile futhi osontekile kakhulu nohlaselekile lapha, inhliziyo yami iyanizwela lapho ningibona lapha emsamo ngimemezela izibusiso phezu kwabanye abantu. Kube nabaningana babo lapha bonke abakhubazekile nabasontekile ophulukisiwe; nizwile ngalokho. Isibonelo nje, uMnu. Upshaw lapha owayekhubazekile iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha, akukho namunye wenu owayesesimweni ayekuso kusukela esengumfanyana, futhi wazama ukuphulukiswa ngenkathi wayeneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala ngenkathi iqolo lakhe liqala ukwephuka. WayenjengoMongameli Roosevelt, umongameli wethu ongasekho, kusukela okhalweni lwakhe kwehle yilapho okwakumthole khona. Ngingenza kuphela njengoba uNkulunkulu engitshele ukuba ngenze, ukubona umbono futhi ngimtshele ngakho, ukuthi kuyokwenzekani.

209 Hhayi yena kuphela, kodwa abanye uhlale lapha ezihlalweni ezinamasondo ongekho ezihlalweni ezinamasondo kulobubusuku ophulukisiwe, abaningi benu uyakwazi lokho. IPhoenix, evikini elingaphambi kweledlule, ukuthi uNkulunkulu wabakhipha kanjani ezihlalweni ezinamasondo.

210 Ngisamile lapha, nginibhekile, benginganitshela ukuthi yini ebingalungile ngani, kodwa isizathu ngingakwenzi okunye. . . isikhathi esiningi ngikhulume ngodaba lwezihlalo ezinamasondo, omunye umuntu ubeyothi, "Awu, noma ubani ubengabuka phansi lapho futhi athi leyondoda ibikhubazekile." Kunjalo. Inkonzo yami ayilele kakhulu kangako kulokho, kungukubona umuntu ophilile bese ubatshela ukuthi yini engalungile, niyabo, umuntu obukeka ephilile, futhi uma. . . uzokuqaphela.

211 Futhi kulobubusuku, izethameli, kinina zihambi, ngizamile ukuKuvimba ngakho konke okusemandleni ukugcina amandla okuqina ami ukuba ehle ukuba ngikhulekele lababantu. Manje, ngizonibuza okuthize: Niyakholwa ukuthi ngikhulume iqiniso, nina zishosha nezinto na? Ngi—ngizokwehla futhi—futhi—futhi ngicele uNkulunkulu ukuba anibusise, futhi nginikhulekele, umuntu ngamunye, futhi ngifuna nikholwe ukuthi uNkulunkulu uzonivumela nisinde. Manje, Angakwenza khona manje. Uma uzwa lokho, ukukholwa ukuthi uzosukuma, kulungile; uma ungakwenzi, awu khona-ke kholwa ukuthi Uzokuphulukisa. Uma unalokho kukholwa okungako, kuzokuthatha isikhathi eside ukukukhipha, kodwa uJesu wathi, "Ngokukholwa kwenu, makube kini." Kodwa manje, uma unokukholwa okukhulu, uzokwazi ukuphulukiswa ngayo leyonkathi.

212 Ngibona ezinye izimpumputhe zihlezi lapha nezinduku zokudondolozela, ngifuna nikholwe. Futhi ngifuna zonke izethameli . . . Ukuba-ke lona bekungubaba nomama wakho noma omunye umuntu ohlezi lapha na?

213 Manje asibe qotho. Into kuphela engingayenza ngukuhamba ngibakhulekele. Manje, uma befuna ukwazi ukuthi yini engalungile nokuthi kwenzekeni, uNkulunkulu uzokwembula lokho, lokho kungenziwa. Kodwa bafuna ukukhulekelwa, futhi bayakholwa uma ngizoza ngibakhulekele, uNkulunkulu uzobavumela baphile. Futhi ngiyakholwa uma bezokukholwa ngayo yonke inhliziyo yabo, kuzokwenzeka khona manje. Futhi uma bezokwenza . . .

214 Futhi uma kungenzeki khona manje, ningadikibali, kungahle kube se—sengxenyeni yehora kusukela manje, kungahle kube sevikini kusukela manje, angazi, kodwa kuzoba njalo uma ukukholwa. "Ngokukholwa kwakho, makube kuwe." Uma lowo kungumBhalo, izethameli mazithi, "Amen." Manje kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu.

215 Kukangaki sibabona bephuma esikhungweni sezinhlanya nasemabhantshini ezinhlanya, nezinto, futhi basekhaya manje, futhi bangabantu abakahle nje, niyabo, nazo zonke izinhlobo zezinhlupheko na?

216 Manje, abazalwane abangabefundisi bazobe bekhuleka ngisakhuleka; angazi noma izethameli zizokwenza yini okufanayo, uma uzokhothamisa ikhanda lakho. Mfowethu Hall, hlala kwimayikrofoni lapha. Futhi mfana omncane, uma uzohamba nami ezansi emgqeni.

217 Ngifuna uNkulunkulu abize umfana wami ukuba akhulekele abagulayo. Futhi ngifuna ukubona into ethize yenzeka kuqala ukuyiqinisekisa, niyabo. Ngifuna abe nami lapho lokhu kuqhubeka. Kulungile.

(Yiba ulokhu ukhuluma nezethameli.) [UMfowethu Hall ukhuluma nezethameli njengoba uMfowethu Branham ekhulekela abahluphekile. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

218 Bangane abangamaKristu, kinina enikholwa ngenhliziyo yenu yonke, manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngakho konke, ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu unibusisile ngamunye wenu ngokuphulukiswa kwenu. Indoda lapha ihlola amehlo ayo emuva naphambili lapha, ebiyimpumputhe. Elinye inenekazi libeka izinyawo zalo ngaphandle kwesihlalo esinamasondo lapha, inenekazi eliyikhaladi, lizosukuma lapho emizuzwini embalwa. Nanti elinye inenekazi eliphakamile. Kulungile. Manje wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba nje. UMoya oNgcwele une. . . Abantu babusisiwe, ngikholwa ngenhliziyo yami yonke.

219 Manje, ngifuna izethameli zisukume, wonke umuntu esakhiweni. Bangane abangabefundisi, ngifuna nihambe niye phambili manje futhi nibeke izandla zenu phezu kwa—phezu kwabahluphekile, bafowethu abangabefundisi lapha, hambani niye phambili futhi nibeke izandla zenu phezu kwabo, ukuze ubalekelele ekubasizeni ekukholweni kwabo ukuba basukume ezihlalweni ezinamasondo futhi baphulukiswe. Manje, ngifuna wonke umuntu niphakamisele izandla zenu kuNkulunkulu *kanje* sisakhuleka.

220 Manje, nenekazi, inenekazi eliyikhaladi lapha, ngifuna usukume lapho. Nalelinenekazi lapha, nangaleya, ngifuna nikholwe manje ngayo yonke inhliziyo yenu.

Onke amaKristu khulekani.

221 Manje, Baba, sibabusisile lababantu eGameni laKho, sazi lento eyodwa ukuthi Wethembisile ukuthi “Konke enikufisayo, nxa nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela.” Uma Ubungathatha lowo wesifazane ompofu obeboshiwe futhi osontekile lapho kulolohlaka lombhede aphume kulolohlaka lombhede, Ungabathatha bonke, Nkosi. Siphe khona manje ukuthi bangaphulukiswa futhi baphiliswe. Yizwa umkhuleko wenceku yaKho ethobekileyo, Baba. Manje, siphe khona, Nkosi.

222 Sathane, wena obophe lababantu, bakhulekelwe, izibusiso zikaNkulunkulu ziceliwe phezu kwabo, uyisahluleki.

223 EGameni likaJesu Kristu, sukuma lapho! Nakhu kuza inenekazi, likhubazekile, liphuma esihlalweni, lenyuka, lisukumile. Bukani lapha, ophuma esihlalweni esinamasondo, ehamba ngaphandle. . . Ayibongwe iNkosi! Nakhu kukhuphuka omunye, elinye inenekazi likhubazekile esihlalweni esinamasondo, limile, lidumisa uNkulunkulu. Asiphakamise izandla zethu sinika uNkulunkulu udumo, ndawo zonke. Kunjalo. Sukuma laphaya. EGameni leNkosi uJesu, yima ngezinyawo zakho! Mfana omncane, yelula isandla sakho lapho futhi uphiliswe. Izihlalo ezinamasondo ziyahlehliswa. Abantu

bawela ezihlalweni ezinamasondo, futhi benokumangalisayo . . . Haleluya! Makabongwe uNkulunkulu!

